www.kznonline.gov.za

KWAZULU-NATAL PROVINCIAL GOVERNMENT

# SIMAMA

USHICILELO LWAMAHHALA LUKAHULUMENI WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

USHICILELO 214 • **MAY 2017**

# #WEF AFRICA17: SABELANA NGEMIBONO, SIPHINDE SITHOLE IZIXAZULULO



UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMhlonishwa uWillies Mchunu wamukele izethameli zomhlangano i-World Economic Forum obubanjelwe e-Inkosi Albert International Convention Centre eThekwini. Kulomhlangano bekudingidwa kabanzi ngodaba lokukhuliswa komnotho okubandakanya wonke umuntu (Inclusive Economic Growth). **Udaba ekhasini 3**





## PROVINCIAL SOCIAL COHESION AND MORAL REGENERATION SUMMIT

**01 - 03 JUNE 2017**

KWAMASHU CHRISTIAN CENTRE

**Deepening Social Cohesion and Moral Regeneration toward a United and Prosperous KwaZulu-Natal**



MR THEMBINKOSI WILLIES MCHUNU
KWAZULU-NATAL PREMIER

# OKUNGAPHAKATHI










## MASISUKUME SAKHE INQUTHU

### IKHASI 4

UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnuz Willies Mchunu ehola amalungu esigungu esiphezulu kwesiFundazwe iKwaZulu-Natal uhambele indawo yaseNquthu ngaphansi kwesiFunda uMzinyathi ngohlelo lomphakathi olwaziwa ngo-Operation Sukuma Sakhe.

## IBHEKENE NGQO NOKULWA NEZIDAKAMIZWA I-CLERMONT YOUTH CENTRE

### IKHASI 6

Liyadlondlobala izinga lempi yokulwa nezidakamizwa ezikhungethe intsha endaweni yase Clermont, eThekwini.

## U-COGTA UZOKWELUSA OMASIPALA UKUGULA UMNOTHO UWELE EZANDLENI ZABAMPOFU

### IKHASI 8

Nakuba uhulumeni edonsa kanzima kuleminyaka kulandela ukwehla kwezinga lomnotho emhlabeni wonke jikelele, nosekube nomthelela ongemuhle nasemnothweni wakuleli, kepha umnyango wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu usaqhubeka nokuqhamuka nezinhlelo ezizothuthukisa isakhiwo sohulumeni basekhaya kanye nesakhiwo sobuholi bomdabu, nokuzolekelela ukwenyusa izinga lokulethwa kwezidingo kubantu emakhaya.

## BATHOLE ITHUBA LOKUKHANGISA UMKHIQIZO WABO ABALIMI BASE KOKSTAD

### IKHASI 12

Uphenduke umbukiso nesigcawu sokuzikhangisa kwabalimi abasafufusa umbungazo wosuku lwabalimi obubanjelwe esikhungweni socwaningo soMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natal esise Kokstad.

## OWEZEMFUNDO UHLANGANE NEZINHLAKA EZAHLUKENE UKUTHOLA IZIMVO ZAWO NGESABELOMALI

### IKHASI 15

Ngaphambi kokuthi uMnyango wezeMfundo KwaZulu-Natal uthule ngokusemthethweni isabelomali sika 2017/2018, iNhloko yoMnyango, uDkt Enock Nzama, Ihlanganyele nezinhlaka ezibalulekile eMnyangweni okubalwa abazali, abafundi kanye nothisha endaweni yase Ntuzuma, eBhekisisa High School, mhlaka 02 May 2017.


## MAYELANA NALOLU SHICILELO

Ushicilelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I-Simama iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelo zaHulumeni wesiFundazwe.


**Ishicilelwa kabili ngenyanga.**

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelwe esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana neHhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 noma simosenkosi.chamane@kznpremier.gov.za
**Liyatholakala naku:** www.kznonline.gov.za

**Ithimba elihlanganise iphephandaba:**


**Umhleli omkhulu:**
Mahlathi Tembe

**Umhleli wamakhasi nezindaba:**
Bonga Khoza

**Abezithombe eHhovisi likaNdunankulu:**
Zandile Shange no Themba Mntyali


© KZN Provincial Government

KWAZULU-NATAL
PROVINCIAL GOVERNMENT



# #WEF AFRICA17: SABELANA NGEMIBONO, SIPHINDE SITHOLE IZIXAZULULO

**NOLWAZI NZUZA**

UNdunankulu waKwaZulu-Natal umhlonishwa uWillies Mchunu wamukele izethameli zomhlangano i-World Economic Forum obubanjelwe e-Inkosi Albert International Convention Centre eThekwini.

Kulomhlangano bekudingidwa kabanzi ngodaba lokukhuliswa komnotho okubandakanya wonke umuntu (Inclusive Economic Growth).

Lomhlangano othathe izinsuku ezintathu ubuhanjelwe abantu abaqhamuka kuwo wonke amazwe omhlaba.

"Siyazi ukuthi iningi lenu lihambe ibanga elide ukuze lifike eThekwini, ngakho siyakuthokozela ukuba khona kwenu futhi sizozama ngakho konke okusemandleni ethu ukuthi nizizwe nisekhaya futhi namukelekile" kubeka uNdunankulu ngesikhathi evula inkulumo yakhe ebibhekiswe kwizethameli zomhlangano.

UNdunankulu uthe ukuza kwalomhlangano esifundazweni saKwaZulu-Natal kuzosiza ekuletheni abatshali mali nokufukula ezokuvakasha esifundazweni

"Iminyaka yonke sihlezi samukela izihambeli ezivela emazweni ahlukene omhlaba, sinethemba lokuthi nizophinde nibuye nemindeni yenu kanye nabangani njengezivakashi nizothakasela ubumnandi besiFundazwe sethu.

Siyacela njengoHulumeni wesiFundazwe ukuthi niphinde nimeme ezinye izikhulu zezinkampani emazweni enu ukuba zivakashe zizobona ubuhle besiFundazwe sethu.

Siyabazisa ubukhona bomphakathi wamabhizinisi abakhona kulomhlangano kanye nabanye abadlala indima emqoka kwezamabhizinisi kanti sikubheke ngabovu ukungenelela kwenu kwizingxoxo zokukhuliswa komnotho okubandakanya wonke umuntu (Inclusive Economic Growth).

Isimo sokukhula komnotho wesiFundazwe sethu sisekude ukuba sibandakanye wonke umuntu.

Ziningi izingqinamba ezikhona esibhekana nazo emizamweni yokufeza injongo yokwakha izindawo ezihlelekile zokusebenza ikakhulukazi uma ubheka isimo abantu abasebenza ngaphansi kwaso ezindaweni zokusebenza ezingahlelekile (Informal Employment)," kusho uNdunankulu.



*Isithombe:* MANDLA MKHIZE

Ngonyaka ka 2015 uphenyo olubizwa nge KwaZulu-Natal Citizen Satisfaction Survey kanye nolunye olwenziwa nge 2016 olubizwa nge Community Survey olwenziwa ngabakwa-Stats SA lwaveza ukuthi yize noma ziningi izinhlelo ezikhona ezilwa nobubha kwisiFundazwe kodwa okuzuziwe akwanele ukuhlangabezana nalokhu okudingwa umphakathi.

Ukwakhiwa kwamathuba emisebenzi kubalulekile ekuzuzeni injongo yaHulumeni yokukhulisa wonke umuntu (Inclusive Growth).

"IKwaZulu-Natal isiFundazwe sesibili kwiziFundazwe ezinomthelela omkhulu kumnotho kazwelonke ngakho kubalulekile ukuthi ukuguqulwa ngokushesha kwesimo somnotho (Radical Economic Transformation) kungangcini nje ngokuba isiqubulo kodwa kumele kube yingxenye yezinkulumo zikaHulumeni Kanye nezimboni zangasese.

IHhovisi likaNdunankulu lizoqapha liphinde lihlole njalo ukuthi yonke iminyango yaHulumeni wesiFundazwe, izinhlangano zaHulumeni Kanye noMasipala basebenzisa izimali ngendlela ehambisana nohlelo lokuguqulwa ngokushesha kwesimo somnotho (Radical Economic Transformation)," kuphetha uNdunankulu.

*"IKwaZulu-Natal isiFundazwe sesibili kwiziFundazwe ezinomthelela omkhulu kumnotho kazwelonke ngakho kubalulekile ukuthi ukuguqulwa ngokushesha kwesimo somnotho (Radical Economic Transformation) kungangcini nje ngokuba isiqubulo kodwa kumele kube yingxenye yezinkulumo zikaHulumeni Kanye nezimboni zangasese."*




# MASISUKUME SAKHE INQUTHU

■ Ngokukhulu ukuzithoba ngiyajabula ukuthola ithuba lokuvakashela lomtholampilo wase Thathezakhe ngoba ngiyazi ukuthi ukwakhiwa kwawo kuthathe iminyaka eminingi

JOY MAKWALA NOTHEMBA MNTYALI

UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnuz Willies Mchunu ehola amalungu esigungu esiphezulu kwesiFundazwe iKwaZulu-Natal uhambele indawo yaseNquthu ngaphansi kwesiFunda uMzinyathi ngohlelo lomphakathi olwaziwa ngo-Operation Sukuma Sakhe.

UNdunankulu ephelezelwa Inkosi Ngobese, uvakashele umtholampilo eThathezakhe osandaweni yasoNquthu oHeleni.

UNdunankulu wesiFundazwe saKwaZulu-Natal uphawule wathi "Ngokukhulu ukuzithoba ngiyajabula ukuthola ithuba lokuvakashela lomtholampilo wase Thathezakhe ngoba ngiyazi ukuthi ukwakhiwa kwawo kuthathe iminyaka eminingi futhi kuyangithokozisa ngoba uMongameli waseNingizimu Afrika ube neqhaza elikhulu ekwakhiweni kwawo".

UMnuz uMchunu uqhube wathi lomthalampilo kwakumele uvulwe ngokomthetho uhulumeni.

Uphinde waqiniseka ukuthi ihhovisi lakhe lusezinhlelweni lokuvula lomtholampilo, ngakho uNgqongqoshe ozoqokwa uyena ozoqhubeka nalomsebenzi. UNdunankulu, nezikhulu zikaHulumeni kanye nosomabhizinisi baphinde bahlola isakhiwo ukuthi sinazo zonke izinsiza ezifanele umtholampilo. uNdunankulu uzwakalise injabulo enkulu ngemiphumela kanye nemibiko enhle yomtholampilo.

Uqhubeke wathi ukwakhiwa kwalomtholampilo kuthuthukisa izimpilo zomphakathi, ngoba angeke basahamba ibanga elide ngakho kumsebenzi womphakathi ukuthi bagcine umtholampilo uhlanzekile futhi bangacikeli phansi isakhiwo.

UNdunankulu uphinde wahlangana namalungu omphakathi lapho enikezwe khona ithuba lokuphakamisa izingqinamba abhekene nazo emphakathini, okubalwa izifo ezahlukahlukene, ukuhlukunyezwa kwezidakamizwa, ubugengengu kanye nobubha. uNdunankulu ubese ephendula kulezo ziphakamiso, waphinde wajuba umnyango obhekene ngqo nalezo zingqinamba.

Esephetha inkulumo yakhe uNdunankulu uMnuz Willies Mchunu ucele izikhamuzi ukuba ziqinise kwezemfundo ukuze uma kuqhamuka amathuba omsebenzi akwazi ukuthola ithuba lokuthi aqashwe.







# Inkululeko kumele ithokozelwe izo zonke izakhamuzi zase-Ningizimu Afrika kungabi eyabathile kuphela

■ "Namhlanje uma sigubha usuku lwenkululeko sikhumbula indima esesiyihambile nezinguquko ezilethwe uhulumeni wentando yeningi.

NOLWAZI NZUZA

Lube impumelelo usuku lwenkululeko obelugujwa esiFundazweni saKwaZulu-Natal eManguzi.

Lomcimbi ubuholwa nguMengameli wesizwe uMnuz Jacob Zuma ephelezelwa iphini lakhe uMnuz Cyril Ramaphosa, ibamba likaNdunankulu uMnuz Sihle Zikalala kanye noNgqongqoshe bazwelonke nabesiFundazwe.

UMongameli uvule inkulumo yakhe ngokucela izithameli zalomcimbi ukuba zibe nomzuzwana wokuthula wokuhlonipha labo abadlule ezingozini zomgwaqo ngephasika kanye nabase Bronkhorstspruit engozini yetekisi.

UMongameli ucele wonke umuntu ukuba izinhlelo zokuguqula isimo somnotho zisetshenziswe ngokushesha ukuze kuzuze zonke izikhamuzi sazeNingizimu Afrika kuloluhlelo ikakhulukazi abampofu (Radical Economic Transformation).

Kubantu abayizinkulungwane baseNingizimu Afrika inkululeko isho ukuthola izidingo ngqangi ababengazitholi ingakabi khona intando yeningi izinto ezifana namanzi, izindlu, imigwaqo, ezempilo kanye nokuthola ezemfundo kubeka uMongameli.

UMomngameli uqhube wathi "Namhlanje uma sigubha usuku lwenkululeko sikhumbula indima esesiyihambile nezinguquko ezilethwe uhulumeni wentando yeningi.

Inkululeko ilethe impilo engcono ezindaweni eziningi kanti nezinsiza eziningi zilethiwe kubantu"

Inkululeko ilethe nemfundo engcono ezinganeni kanye nezikole okufundwa mahhala kuzo ukusiza abazali abantulayo. Izingane zithola ukudla ezikoleni ukuze zifunde kahle zingalambile, kanti izingane eziningi zifunda ezinkulisa ezixhaswe nguHulumeni konke lokhu kukhombisa ukuthi ngempela iNingizimu Afrika isingcono kakhulu manje kunaseminyakeni yengcindezelo kubeka uMongameli.

UMongameli wakubeka kwacaca ukuthi kuningi uHulumeni wentando yeningi asekwenzile eminyakeni engamashumi amabili nantathu enkululeko ukuphucula nokuthuthukisa izimpilo zabantu kodwa muningi umsebenzi osasele.

UMongameli uphinde wakuqinisekisa ukuthi uHulumeni usazoqhubeka nokuphucula nokwenza ngcono izimpilo zalabo abangasebenzi nabakhungethwe ububha.

Ibamba likaNdunankulu uMnuz Sihle Zikalala uthe "Sifisa ukubonga kuMengameli nethimba lakhe loNgqongqoshe ukuthi lomcimbi kazwelonke bakhethe ukuzowugubha esiFundazweni sethu" kubeka uZikalala.



# UZIKALALA WETHULE IBHAJETHI YOKULWA NOBUBHA

**SIYABONGA MAPHUMULO**

UNGQONGQOSHE wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokongiwa kweMvelo KwaZulu-Natal, uSihle Zikalala wethule isabelo-mali somnyango wakhe sika- 2017/2018 esiShayamthetho saKwaZuluNatal, eMgungundlovu ngoLwesihlanu olwedlule.

Ekhuluma ngaphansi kwengqikithi ethi “Uguquko oluphuthumayo oluzosiza iKwaZulu-Natal ekutheni ikhule ngokomnotho”, inkulumo yakhe ibibheka nosekwenziwe kwabazibophezela kukho phambilini nezinhlelo ezintsha ezibalulekile zokuthi u-R2.784 billion owabelwe isifundazwe ukuthi uzosetshenziswa kanjani.

Ekhuluma ngokuzokwenzeka esabelwenimali, uZikalala ukugcizelele ukuthi isabelomali sakulo nyaka “asigxilile kuphela” ekwabeleni izinsiza ezinhlelweni ezihlukene. “Asikhulumi ngemicabango emikhulu yezentuthuko. “Isabelo-mali sethu esikhuluma ngaso namuhla esokuthi siqhubeke nomsebenzi osuvele uqaliwe wokuqhubeka nezinhlelo ezizosiza wonke umuntu nokwakha isizwe sonke-okuzophila kuso ngaphandle kokucwaswa ngokwebala, ubulili, elikhululekile, elibumbene neliphokophele phambili.

Inyathuko ebheke enkululekweni kuyona yonke imiphakathi kuzwelonke ngeke isho lutho ngaphandle kwenkululeko kwezomnotho ebantwini okuyibona abaningi ezweni.”

Uthe izinselelo ezisabhekene nabantu ababencishwe amathuba phambilini njengoba sekungunyaka ka-23 izwe lakhululeka, kusho ukuthi kumele kwenziwe imizamo yokuthi babuyiselwe umnotho kwazise yibona abayiningi-okuyingakho kuhlatshwa ikhwelo ngokuthi kube khona izinguquko ezinqala kwezomnotho.

Ngakho ke kumele kugxilwe ekukhulisweni komnotho kuqinisekiswe ukuthi kuba noshintsho ezinhlakeni, izinhlelo, izikhungo nezindlela zokuphathwa komhlaba nokulawulwa komnotho kuzuze bonke abantu baseNingizimu Afrika, ikakhulukazi abadla imbuya ngothi, iningi labo okungabesifazane abamnyama, (ecaphuna okwashiwo wuMengameli Jacob Zuma enkulumeni yakhe ayibhekise esizweni kulo nyaka.)

Ukuze kube khona uguquko kwezomnotho ngokushesha nokuzothuthukisa isifundazwe, uMnyango wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokongiwa kweMvelo, usuqhamuke nezinhlelo okuhloswe ngazo ukuthi lube khona uguquko okukhulunywa ngalo kwezomnotho, kuchaza uZikalala. “La KwaZulu-Natal, ukusetshenziswa kwezinhlelo okuhloswe ngazo ukuthi zibe nomthelela oguqukweni kwezomnotho ngokushesha ziyayithola indawo kwiOperation Vula.”

**I-Operation Vula**

Ngokuzibophezela ekuthuthukisweni kwengqalasizinda ukuze kuzokwanda umkhiqizo wendawo, i-Operation Vula ihlose ukuqhakambisa umnotho waseKZN ngokuthi kusetshenziswe ithuba lokuthi kunxuswe uhulumeni ekuthueni athenge kosomabhizinisi abancane nakwimphila ndawonye.

“Ngokusebenzisa amandla kahulumeni ekutheni athenge kosomabhizinisi abancane nemiphila ndawonye, sizobe siqeda izinkinga ezikhona ezibhekene nosomabhizinisi abasafufusa okubalwa kuzo ukungabi nabantu abazothenga imikhiqizo yabo, ukungaluthola usizo ezimalini nokungakwazi ukuxoxisana nezinkampani nabathengi kanjalo nokuncintisana namabhizinisi asezinzile,” kuchaza uZikalala.

Ngaphansi kwe-Operation Vula izimpahla ezifana nemifaniswano yezikole neyasemajele, izimpahla zokuzivikela, ifenisha yesikole nekahulumeni, ibhakawosi, okokuhlanza nezolimo sezizothengwa kosomabhizinisi abasafufusa.

“Sisebenza ngokuzikhandla ekuhlanganiseni izimboni ezizimele ukuthi zithenge impahla ebantwini bendawo sisebenzisa i-Operation Vula.” Eminye imininingwane ngezindlela zokusebenza kwe-Operation Vula izodalulwa nxa isithulwa ngokusemthethweni kulo nyaka. Nxa yonke imininingwane isigunyaziwe yisigungu seziphathimandla, yonke iminyango nezinkampani ezingaphansi kukahulumeni zizothenga impahla kusetshenziswa uhlelo i-Operation Vula.

Ezinye izinhlelo nezimemezelo ezibalulekile ebezikwi-sabelo-mali kubalwa lokhu:

• Uguquko olunqala kwezolimo ukuze kuzuze abamnyama kwezomnotho (RASET) • Ukusebenza kwezinhlelo zosozimboni abamnyama

**Isikhungo sokuhlinzeka abatshali-mali ngezinsiza zikahulumeni ezihlukahlukene**

• Indawo kahulumeni yezimoto • Isigungu saseKZN esibhekelele uguquko kwezomnotho • I-Operation Sakhinzuzo • Ukusebenza kwezinkampani zikahulumeni • IKwaZulu-Natal Investment Conference Uguquko olunqala kwezolimo ukuze kuzuze abamnyama kwezomnotho (RASET) Seluqalile uhlelo iRASET okuhloswe ngalo ukushintsha ezolimo ngokuthi kufakwe abantu ababencishwe amathuba phambilini ekutheni babenesabelo kwezolimo. Ngokwe- RASET, iningi labantu baKwaZulu-Natal elidonsa kanzima lizoba nethuba lokuba yingxenye yezolimo njengoba uhulumeni ezokwenza isiqiniseko ukuthi izimakethe nezinye izikhungo ezizimele ziba nothando ngalolu hlelo. Ukusebenza kosozimboni zabamnyama Uhlelo lokusebenza kosozimboni abamnyama lizokwethulwa ngokusemthethweni eKZN ngoJuni 2, 2017. Ukusebenza kwalo kuzoqiniswa wukusungulwa kophiko iProject Management Unit elizoba sesifundazweni phakathi kwezizinda ezimbili zomnothookuyiDubeTrade neRichards Bay Industrial Development Zone. Kubekwe eceleni u-R15 million wokuhlinzeka abantu bendawo abafaka izicelo zentuthuko ukuthi basizakale. Isikhungo sokuhlinzeka abatshali-mali ngezinsiza zikahulumeni ezihlukahlukene IKwaZulu-Natal isezinhlelweni zokusungula isikhungo esizohlinzeka abatshali-mali ngezinsiza zikahulumeni ezihlukahlukene okuhloswe ngaso ukusheshisa yonke imithetho edingwa abatshali-mali. Lesi sikhungo sizoba namahhovisi akwaSars, awoMnyango wezaManzi, uMnyango wezaseKhaya neminye iminyango ewusizo. Kuzophinde kube khona nabakwaSalga, uMasipala uMsunduzi, uMasipala uMhlathuze noweTheku. Liyaqhubeka uhlelo lokufuna ibhilidi okuzoba kulo lesi sikhungo.

**Isikhungo sikahulumeni sezimoto**

Lolu hlelo kuhloswe ngalo ukuheha omakhenikha bezimoto abazisebenzelayo kanjalo nentsha. UHulumeni uzokwakha indawo yezimoto lapho kuzokhandwa khona zonke izimoto zikahulumeni. Le ndawo kahulumeni izophathwa uyena kwazise izobhaliswa ngokusemthethweni ukuze kukhandwe nezimoto zangaphandle. UMnyango wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokongiwa kweMvelo khona maduze uzosayina isivumelwano sokusebenzisana noMnyango wezabaSebenzi ukuze uzohlinzeka ngemali yokuqeqeshwa kwabantu kusetshenziswana ne-TETA.

**Isigungu esibhekelele uguquko kwezomnotho eKZN**

Emizamweni yokuthi kusheshe kube noguquko kwezomnotho, uMnyango wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokongiwa kweMvelo, usukhethe ukusungula isigungu esibhekelele uguquko kwezomnotho esifundazweni, umsebenzi waso okuwukubheka okwenziwa yizinhlaka ezikhona njengekhomishini esanda kusungulwa ye-BBBEE. Lesi sigungu sizosungulwa ngaphansi kophiko lwalo mnyango elibhekelele intuthuko edidiyelwe futhi amalungu alo azothathwa kweminye iminyango kahulumeni ukuze lube khona uguquko kwezomnotho. “Lesi sigungu sizosebenza njengeso sibheke nezinhlelo ezikhona ezithinta uguquko olunqala kwezomnotho. Sizokwenza umbiko wonyaka, lapho sizochazela khona abantu baKwaZulu-Natal ngokusebenza kwayo ekuqinisekiseni ukuthi ziyasebenza izinhlelo eziqinisekisa uguquko kwezomnotho,” kusho uKhuzeni.

**I-Operation Sakhinzuzo**

Ezolimo zisayimboni emqoka emnothweni waseKZN. UMnyango wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokongiwa kweMvelo, uzibophezele ekusebenzisaneni abakwa-Tongaat Hulett Sugar South Africa Limited ukweseka abalimi bomoba abancane ezindaweni ezihlukene zaKwaZulu-Natal. Lokhu kusebenzisana kubizwa nge-Operation Sakhinzuzo. Kuzosetshenziswana iminyaka emithathu ekwesekweni kwabatshali bomoba abancane ezindaweni ezifana naseFelixton, Darnall, Amatikulu naseMaidstone. Kubekwe eceleni imali engaphezu kuka-R50 million ezosebenza kulolu hlelo okuhloswe ngalo ukubona abalimi abamnyama bedlala indawo ebalulekile ngalo. Lolu hlelo kuhloswe ukuthi kulinywe indawo engu- 3 000 hectares okuzovula amathuba omsebenzi angu- 1 100.

**Ukusebenza kwezinkampani zikahulumeni**

Seluqaliwe uhlelo lokuthi zisebenze izinkampani zikahulumeni ekomitini loMnyango wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokongiwa kweMvelo njengoba konke kuzoqedwa ngaphambi konyaka mali othinta lo nyaka. Wonke amabhodi aqokiwe asenikwe umyalelo wokuthi akuphele unyaka zibe sezisebenza zonke izinkampani zikahulumeni. IKwaZulu-Natal Investment Conference

Ukuze isifundazwe sizothuthuka sihehe nabatshali-mali, uMnyango wezokuThuthukiswa koMnotho uzoba nengqungquthela

**iKwaZuluNatal Investment Conference.**

Inhloso ngqangi yayo wukudlulisa umyalezo othi iKZN ivulelekile kwezamabhizinisi futhi isayindawo ekahle okungatshalwa kuyo imali uma kubalwa izindawo emhlabeni jikelele. Kulindeleke ukuthi le ngqungquthela ibe ngoNovember kulo nyaka. ‘Lesi yisikhathi sokuba kusukunywe’ Eseyiphetha inkulumo yakhe yesabelo-mali, uKhuzeni unxuse ukuthi zisheshiswe izinhlelo ezithinta uguquko kwezomnotho.

“Asingakuvumeli ukuthi umnotho ulawulwe yidlanzana labesilisa nabesifazane ekubeni iningi labantu ezweni lidla izinsalela, lihlupheka. Ngakho ke akukwazi ukuthi indaba ethinta uguquko kwezomnotho ingazitshwa. “Lesi yisikhathi soguquko, yisikhathi sokuhlomisa abantu bethu futhi lesi yisikhathi sokuthi kusukunywe.’”



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo umhlonishwa uSihle Zikalala*



**“UHulumeni uzokwakha indawo yezimoto lapho kuzokhandwa khona zonke izimoto zikahulumeni.”**

UNgqongqoshe wezokuThuthukisiwa koMnotho, ezokuVakasha, nezokongiwa kweMvelo KwaZulu-Natali uMnu Sihle Zikalala

# IBHEKENE NGQO NOKULWA NEZIDAKAMIZWA I-CLERMONT YOUTH CENTRE

**MINENHLE MNCWANGO**

Liyadlondlobala izinga lempi yokulwa nezidakamizwa ezikhungethe intsha endaweni yase Clermont, eThekwini. Lokhu kulandela ukubonakala kwezithelo zomsebenzi owenziwa yisikhungo esixhaswe uMnyango, esaziwa ngeClermont Youth Centre, esesithathe igxathu eliya phambili njengoba isibonakala imisebenzi eyenziwa yilesi sikhungo ukuthinta izimpilo zentsha ekhungethwe yilesi sihlava esiwumbulalazwe.

Iningi imali uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi oyabela izinhlangano ezingenzi nzuzo njengoba zenza umsebenzi ohambisana nezinjongo zoMnyango. Ukudlanga kwenkinga yezidakamizwa entsheni yase-Clermont kwenza amalunga omphakathi asukuma asungula i-Clermont Youth Centre ukuba isize intsha ukuyiqeqesha amakhono ehlukahlukene afana nomculo, ukufunda ukulingisa emidlalweni kamabonakude, izifundo zokuba onogada, kanye nezifundo zekhompyutha. I-Clermont Youth Centre isebenzela enxanxatheleni yesakhiwo sikaHulumeni esaziwa nge-Clermont Thusong Centre, futhi iwusizo emphakathini.

Ngaphakathi lesi sikhungo sinamagumbi okwenzelwa khona izinto ezinhlobonhlobo njengoba inendawo yokuqopha abaculi.

Okhulumela lesi sikhungo, uMnumzane Vumani Gwala, ongomunye wabaholi bentsha abaqavile asebesebenze isikhathi eside ngokuzikhandla ukuqwashisa nokubuyisa izimilo zentsha kulendawo, uthe: “Intsha iqopha mahhala futhi nomculo wayo uthola ukwesekwa kakhulu njengoba usudlalwa nasemisakazweni yomphakathi. “Kulonyaka wezimali lenhlangano engenzi nzuzo yabelwe imali elinganiselwa ku R800 000, kanti nyakenye yabelwa imali engango R652 000,” kusho uMnumzane uGwala. Isikhungo saseClermont siphinde sibe negumbi lokufunda ukusebenzisa ikhompyutha njengoba kukhishwa nezitifiketi ezenza ukuba abahlomulile bakwazi ukufaka izicelo uma bebona izikhangiso ezifana nezidinga omabhalane.

UMnumzane uGwala uthe: “Umsebenzi walesi sikhungo usube negalelo elibonakalayo ukwehlisa isibalo sabasebenzisa izidakamizwa okubalwa nesiyingozi kakhulu iwunga.” Ngokusho kukaMnumzane uGwala



*Isikhungo iClermont Youth Centre senza umsebenzi oncomekayo ukulwa nesihlava sokusetshenziswa kwezidamizwa yintsha endaweni.*

ongusihlalo weClermont Youth Centre, uthi okwenza bahlangana basungula lenhlangano engenzi nzuzo ukubona intsha eningi izinikela ezidakamizweni nasophuzweni oludakayo. Uthe: “Inkinga yokusetshenziswa kwezidakamizwa isihlukumeza sonke ngoba intsha yethu ilahlekelwa yikusasa layo. Abanye bangena ezidakamizweni ngenxa yokwentuleka kwamathuba omsebenzi, kodwa kufanele sazi ukuthi akuthina sonke esiyoqashwa uHulumeni, kepha kufanele sisebenzise amakhono esinawo ukuzithuthukisa”. Uthe intsha eningi esizakale kulesi sikhungo isiyazisebenzela njengoba enye isingonogada ezinkampanini ezinkulu, kanti abanye sebesebenza ezimbonini njengomabhalane. Konke lokho kuyinhloso enkulu kaHulumeni njengoba uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi unophiko olubhekelele izinhlelo zentsha ukulekelela ukunciphisa isibalo esiphezulu sabantu abangasebenzi. Izinhlangano ezingenzi nzuzo zenza umsebenzi ogunyazwe uMnyango nanjengoba zithola uxhaso kuHulumeni. Kuke kwaba khona izindaba ezingelona iqiniso ezazibika ukuthi loMnyango uzozephuca imali izinhlangano ezingenzi nzuzo. Kodwa kunalokho uMnyango uyasikhuphula isabelo salezi zinhlangano njengoba nyakenye zathola ukukhushulelwa ngamaphesenti ayisithupha ekubeni uMnyango wathola ukwehliselwa imali kwisabelomali ngamaphesenti amathathu.

Lokho kusho ukuthi imali elinganiselwa ku-R83 million uMnyango owawunciphiselwe ngawo. Ukusebenza kwalezi zinhlangano ezingenzi nzuzo kuqashwe ngeso lokhozi ukugwema ubugebengu bokudliwa kwemali kaHulumeni ngokungemthetho, kanti nezinhlelo zokulekelela lezi zinhlangano ukuba zisebenze ngendlela eyiyo ziyaqhubeka kumanje.

## Sesikhiqize osomabhizinisi abasafufusa isikhungo iKwaDambuza Youth Development Centre

**MINENHLE MNCWANGO**

**ZIYAQHUBEKA** nokubonakala emiphakathini eyahlukahlukene izithelo ezinhle zikaHulumeni wentando yeningi zokubonelela intsha ngezinhlelo zokuqeqeshwa kwezamakhono nasemabhizinisini Liyakhula inani lentsha elithola ukusizakala ngamakhono namathuba emisebenzi ezikhungweni zoMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi.

Phakathi kwalezi zikhungo ezitholakala ezindaweni ezahlukahlukene kulesi siFundazwe, kukhona nesineminyaka emithathu kuphela saba khona, kodwa esesikhombisa izimpawu zokuthi umbono kaHulumeni wokwakhela abantu abasha amathuba okuzithuthukisa usuyasebenza njengoba imisebenzi emihle isibonakala.

Esinye salezi zikhungo ezenza umsebenzi oncomekayo ekuthuthukisweni kwentsha, i-KwaDambuza Youth Development Centre esiFundeni uMgungundlovu, eqale ukusebenza ngonyaka wezi-2014. Lesi sikhungo sicija intsha ngamakhono, okubalwa kuwona ezokupheka (hospitality), izifundo zokusebenzisa ikhompyutha, amakhono afana nokufundela ukuthunga kanye nokusebenzisa indwangu. Siphinde lesi sikhungo sibe nobudlelwano nezimboni ezinkulu ezinikeza abafundi isipiliyoni ngesikhathi besafunda.

Lezi zimboni kubalwa kuzo i-Imperial Hotel, Oribi Airport amabhikawozi kanye nezinye eziningi okuyimanje abanye sebeqashiwe ngokugcwele kuzona. Okunye okuhlaba umxhwele ngalesi sikhungo ukukwazi kwaso ukusiza intsha ukuba iqale imiphilandawonye esebhizinisini lokupheka (catering services). Enye yalemiphilanda wonye izibiza nge-The Stars, lisungulwe ngonyaka ka-2015 emuva kokuba amalunga ayo ephothule izifundo zokupheka kulesi sikhungo. Lisungulwe amalunga awu-12, kodwa awu-8 esebenza ngokugcwele ngenxa yokuthi lawa amanye aseneminye imisebenzi ewabambile.

Bayapheka ngaphakathi kulesi sikhungo, badayisela abasebenzi, abafundi kanye namalunga omphakathi, kanti nemicimbi ehlukahlukene sebeyayisebenzela, ikakhulukazi ekaHulumeni, okuhlanganisa nawo uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi. Amalunga e-The Stars aseke athola ithuba eliyingqayizivele lokuphekela umcimbi woMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi ezingeni likazwelonke lapho kwakunombuthano wokucobelela intsha ngolwazi lokuthi yiziphi izindlela zokuphila. Ekhuluma neSIMAMA KZN, uNkosazana Thuli Dlamini, ongusihlalo we-The Star Cooperative ubonge wanconcoza ngabakwenzelwa uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi. UNkosazana Dlamini uthe: “Sinxusa intsha ukuba ivuke izithathe njengoba kulezi zikhungo kutholakala ulwazi olwenza abantu bazimele baphinde bavulele nabanye amathuba emisebenzi.



UMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi, ngokubambisana nenhlangano eyaziwa ngokuthi iYFC May’khethele, okuyiyona eyengamele ukusebenza kwalesi sikhungo, usivule amehlo njengoba uphinde wasiqeqesha kwezokusebenzisa nokonga imali njengoba namuhla sesikwazi ukuzimela. “Konke lokho usenzele mahhala, futhi kuyimanje sesiyabona ukuthi impilo yethu ibhekephi,” kusho uNkosazana Dlamini. Ikhona futhi enye intsha engosomabhizinisi abathole uqeqesho kulesi sikhungo esebenzela emphakathini eyaziwa nge-Team Powerful Minds ezinze endaweni yakwaPata, khona eMgungundlovu. I-Team Powerful Minds inendawo yokudla kanye nendawo yokugeza izimoto futhi iyindawo ethandwa kakhulu ngenxa yezinga lokudla okuphekwa khona. Kanti futhi uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi uyaqhubeka nemizamo yokwakha ezinye izikhungo njengoba uNgqongqoshe uThusi esanda kwethula ngokusemthethweni ukwakhiwa kwesikhungo esifuze lesi endaweni yaseDumbe enhla nesiFundazwe saKwaZulu- Natali.

Akagcinanga lapho, uNgqongqoshe uThusi nasekupheleni konyaka wezi-2016 uhambe wayohlola ukwakhiwa kwesinye isikhungo sentsha endaweni yaseNewcastle, eBlaauwbosch, nokwamjabulisa njengoba afika sesiphela ukwakhiwa kanti kumanje ithimba lentsha elizosebenzela kulesi sikhungo selikhona.

Yonke lemizamo kaHulumeni wentando yeningi isidonse ngisho nezimboni ezinkulu njengoba inkampani ephehla ugesi kuleli yaphonsa esivivaneni ngokunikela ngendawo yokuba kuqhutshekwe kwakhiwe izikhungo zokuthuthukisa intsha yakuleli endaweni yaseNgagane, enhla nesiFundazwe saKwaZulu Natali. Inhloso yoMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi ukuba isifunda ngasinye sibe nesikhungo sezamakhono.



> **“Sinxusa intsha ukuba ivuke izithathe njengoba kulezi zikhungo kutholakala ulwazi olwenza abantu bazimele baphinde bavulele nabanye amathuba emisebenzi.”**

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi. Weziwe Thusi

# ABAHLENGIKAZI BANGUMGOGODLA WEZEMPILO

UMnyango wezeMpilo KwaZulu-Natal uhlanganyele namazwe omhlaba ukutusa iqhaza labahlengikazi ekuhlinzekweni kwezidingo zezempilo. Asenzi ihaba uma sithi abahlengikazi bangumgogodla wezeMpilo. Usuku lwabahlengikazi, umhla ka 12 kuMay I International Nurses Day kulonyaka lugujwe ngaphansi kwesiqubulo esithi Nursing: A voice to lead –Achieving the sustainable development goals. Ukuba umhlengikazi akuwona neze umsebenzi olula, udinga isineke, ukusebenzangokuzinikela, nokucophelela ngaphezu kokuba neziqu zemfundo. Uwubizo, abahlengikazi babekelwe ukusiza imiphakathi futhi yibona abanezindlela zokufinyelela kubantu abaswele, baqinisekise nokuthi labo abadinga usizo bayaluthola. Usuku i-International Nurse's Day lusukela ku-Florence Nightingale owahola ubumbano lwabahlengikazi ukuze luze lugcine seluthathwa njengomsebenzi. Wazalelwa eFlorence, Italy, mhla zingu-12 kuNhlaba ngo 1820.

UFlorence nelinye iqembu labahlengikazi bathuthukisa isimo sezempilo esibhedlela sase-Britain ngesikhathi se-Crimean War. Wakhombisa isibindi, futhi amagalelo akhe aholela ekwehleni kwesibalo sabantu abashona ngesikhathi sempi. Washiya nemibhalo yakhe eyaygqugquzela ukuthuthukiswa kwezeMpilo umhlaba wonke. Abahlengikazi babalulekile kakhulu ngoba ngaphambi kokuthi isiguli sibonane nodokotela siqale sixoxisane nomhlengikazi. Bayinsika eqinisa iphinde isimamise ukusebenza kohlelo lwezempilo ekuhambiseni izidingo kubantu. Isigaba sokuqala sosizo lwezempilo iPrimary Healthcare isingethwe kakhulu yibona abahlengikazi ngoba iziguli zifica bona emitholampilo eminingi.

Noma sekudlulelwa kwezinye izigaba zokwelashwa kweziguli lapho sekutholakala odokotela, nabo akwenzeki babebodwa, bahlezi benabahlengikazi eduze kwabo. Lapha esifundazweni sethu, ingxenye enkulu yabasebenzi bezempilo yakhiwe ngabahlengikazi, ngaphandle kwabo, asiyilutho. UMnyango wezeMpilo unohlelo olwaziwa Nurse Initiated and Managed Antiretroviral Treatment (NIMART)Programme, oluqeqesha abahlengikazi ukuthi bakwazi ukuhlinzeka abantu abahaqwe yigciwane lesifo sengculazi ngemishanguzo.

Lona ngumsebenzi owawenziwa ngodokotela kuphela ngaphambi kokwethulwa kohlelo lweNIMART.

Kumanje lapha KwaZulu-Natal abahlengikazi asebeqeqeshiwe ngaphansi kwaloluhlelo yibo abasiza ngokuthi kufakwe lezo ziguli ezikhungethwe igciwane nesandulela sayo ohlelweni lwemishanguzo. Iqhaza elibanjwe abahlengikazi impela liyabonakala, njengoba kuncipha mawala nokwesulela kukamama umntwana ngegciwane lengculazi (Mother-to-Child Transmission of HIV).

Ukushesha komama abakhulelwe ukusondela emtholampilo kuyabasiza ekutheni basheshe bathole usizo.

Lokhu kuchaza ukuthi noma sinabo abesifazane abakhulelwe abahaqwe yigciwane lengculazi, siyabaqinisekisa ukuthi bazobeletha izingane ezingenalo igciwane ngenxa yeqhaza lalaba bahlengikazi bethu be- NIMART.

Ngaphansi kohlelo lwe Test and Treat lapho uhlola khona bese uqaliswe imishanguzo ngalesosikhathi likhulu iqhaza elibanjwe ngabahlengikazi abaqeqeshwe ngaphansi kohlelo lwe NIMART.

Kuyimanje isiFundazwe sinabantu abangaphezu kuka 1.3 million asebefakwe ohlelweni lwemishanguzo. Abahlengikazi baphinde babe ochwepheshe njengoba beno lwazi olujulile. uSr Primrose Steziah Goge ohlale eqaphe ngelokhozi emtholampilo omncanyana esiFundeni iLembe: Nalu udaba lwakhe: Uthe ehlola njengokwejwayelekile owesifazane okhulelwe, lomhlengikazi oqeqeshiwe futhi ozinikele emsebenzini wakhe wakwazi ukuqaphela isifo esiyimvelakancane enganeni engakazalwa esiye sitholakale enganeni eyodwa kwezingu 300 000. Esebenzisa nje isipopolo sengane ingaphakathi esibelethweni, wakwazi ukubona ukuthi kwakukhona okwakushaya amanzi ngokushaya kwenhliziyo.

Ngokuphazima kweso wabe esethumela isiguli esibhedlela sase-Stanger ukuyohlolwa. Nakhona eStanger basedlulisele e- Inkosi Albert Luthuli Central Hospital.Abahlengikazi baphinde babewocwephesha njengoba beno lwazi olujulile. Ukuba kwakungayanga ngokucophelela kwakhe okukhulu ngesikhathi ehlola ingane, ingqophamlando yokuhlinzwa kwengane okwenziwa e-Inkosi Albert Luthuli Central Hospital ngu-Dkt Ismail Bhorat, oyiNhloko yoPhiko lwezokuHlinzwa kwemiBungu (Head of the Foetal Surgical Unit) ngabe ayenzekanga.

Lokhu kwaku ngukuhlinzwa kwengane ingakazalwa okubizwa phecelezi, pericardiocentesis, okuwuhlobo lokuhlinza lapho kusetshenziswa inaliti nepayipi ukumunca uketshezi olusuke luzungeze inhliziyo. Kulokhu lomsebenzi obucayi wawenziwa enganeni unina ayesayikhulelwe amasonto angu 29. Lokhu kwaphetha ngokuthi kwemukelwe ingane kanye nonina wayo bephile bengumqemane emuva nje kwezinyanga ezimbalwa.

Eminyakeni edlule, umnyango ubukhiqiza cishe 2 000 wabahlengikazi ngonyaka, kodwa manje ukugxile kakhulu nasekukhiqizeni amaClinical Nurse Specialists asethubeni lokubamba iqhaza elikhulu nelibalulekile ekuqinisekisweni kokulethwa kwezinsiza zezempilo eziseqophelweni eliphezulu ebantwini abakhele iKwaZulu-Natali. Lelithimba lizoqinisekisa nokutholakala kwamathimba ochwepheshe azinze ezifundeni ukuze kuqiniswe izinhlel zokuhlelwa kabusha ukuhlinzekwa kezidingo zezempilo. Phakathi kwemisebebzi eyenziwe yokuqeqesha abahlengikazi, singabalula lezigaba ezilandelayo:



- 59 wabahlengikazi abangama Advanced Midwives and Neonatali Nurses;
- 54 ama-Child Health Nurse Specialists
- 12 amaProfessional Nurses aphothule amaDiploma in Medical Surgical Nursing in Trauma and Emergency
- 3 amaRegistered Nurses azuze amaDiploma ku-Critical Child Nursing eNyuvesi yaseCape Town, manje asesebenza egunjini lezingane ezigula kakhulu eziBhedlela e-Edendale, Grey's nasePort Shepstone.
- 437 abahlengikazi abaqeqeshwe kanzulu, abanamakhono ehlukahlukene futhi abakwaziyo ukuhlenga ngokupheleleyo kunoma yimuphi umkhakha, okubalwa kuyo ukwelapha okwejwayelekile, izikhungo zezempilo zomphakathi, ukubhekelwa abagula ngengqondo kanye nesezimweni zokubelethisa.
- 41 AmaPrimary Health Care nurses aselekelela ohlelweni lokusatshalalisa kweNHI KwaZulu-Natali azojoyinwa ngamanye angu 179 okumanje ayaqeqeshwa e-University of KwaZulu-Natali kusetshenziswa indlela yokusabalalisa izikhungo zokuqeqesha.
- Kweminye imikhakha yobuchwepheshe esiyitshale ngezindawo ezehlukene kukhona 19 Ophthalmic Nurses; 62 Critical Care Nurses; 41 Orthopaedics Nurses; 272 abaneDiploma in Midwifery; 28 abaneDiploma in Psychiatric Nursing nama-Operating Theatre Nurses angu 45.
- Bangu 15 abafundi abaqale izifundo ze-Emergency Nursing Science (Trauma) ngomhlaka 1 Ndasa 2017. Lezi zifundo zethulwa okokuqala yiKolishi loMnyango.

Lokhu kuqeqeshwa kwekhethelo kuhlomisa abahlengikazi bethu ngesisekelo esinzulu futhi esiseqophelweni eliphezulu ekusingatheni izimo eziphuthumayo kwezempilo. **SITHATHA LELI THUBA UKUBONGA ABAHLENGIKAZI BETHU SIPHINDE SINCOME UMSEBENZI WABO OMUHLE ABAWENZAYO NGOKUSINDISA IZIMPILO ZETHU NGO THANDO SITHI ABAQHUBEKE NJALO.**

**UMNYANGO WEZEMPILO KWAZULU-NATAL, SILWA NEZIFO, SILWA NOBUBHA, SINAKA ITHEMBA!**

# Ziningi izifo ezingagwenywa ngokugeza izandla ngensipho

**SIBONGISENI DHLOMO**

**UBUWAZI** nje ukuthi ukugeza izandla ngensipho kukodwa kungenza lukhulu ukugwema ukubhebhetheka kwezifo ezifana nesohudo, umkhuhlane, ne-Hepatitis A, ethikameza ukusebenza kwesibindi, idale ijondisi nemfiva?

Ngenxa yokuthi abantu abaningi abazigezi izandla uma bekade besondelene nezimo ezinamagciwane, amagciwane ahlala ezandleni, agcine esengene emizimbeni yabo, kutheleleke nabanye - ngisho nabantwana imbala - bese beyagula.

Umkhankaso wamazwe omhlaba owaziwa ngo-World Hand Hygiene Day, obugujwa ngeledlule (5 May 2017) ubumuhle ngoba uphinde wasikhumbuza ngokubaluleka kwemikhuba ebukeka ingatheni, kodwa enenkulu inzuzo ngokwezempilo, njengokugeza izandla.

Ukugeza izandla ngensipho ngaso sonke isikhathi uma ukade usendlini yangesese noma ngaphambi kokuthinta ukudla, kuyasiza ekuvikeleni abantu emagciwaneni ongeke uwabone ngeso lenyama adala izifo. Lamagciwane ahlala endleni nasemchamweni, emanzini amile nasenhlabathini. Lamagciwane abhebhetheka ngomoya awela ezintweni ezithintwa yizandla, kanti futhi amagciwane ungawathola kunoma yini eke yathintwa omunye umuntu onawo.

Ukwenza isibonelo nje, umuntu onomkhuhlane kungenzeka athimulele esandleni bese ethinta isibambo sesicabha, itafula, uthelefoni noma lapho kubanjelelwa khona ezitebhisini ezihambayo.

Isayensi isitshela ukuthi kuyenzeka lamagciwane aqhubeke nokuphila isikhathi esingangamahora amabili.

Ngakho-ke, ngesikhathi umuntu ethinta lezi zinto lamagciwane abe esekwazi ukungena abambelele ezandleni zethu.

Ngesikhathi umuntu ethinta umlomo, ikhala noma amehlo kulapho-ke lamagciwane akwazi ukungena ngaphakathi emzimbeni, umuntu agcine esegula. Kubalulekile ukuhlanza izandla ngamanzi nensipho izikhathi ezimbalwa ngosuku, kanti futhi lokhu kuwumkhuba omuhle okufanele siwufundise nabantwana.

Lokhu kungasiza ukuze bakhule beyizakhamizi eziyikhathalele impilo nokuphepha, nokungenza lukhulu ukwehlisa isibalo sabantu abangenwa yizifo.

Nasemiphakathini ewantulayo amanzi aphuma empompini - njengasezikoleni ezithile - akufanele lokhu kusivimbe ekuhlanzeni izandla.

Umuntu omdala angathatha ibhodlela lesiphuzo lika 2lt eliwuplastiki, bese enza isivalo sibe nezimbobo ezincane ezisasisefo.

Leli bhodlela lingafakwa amanzi, bese umntwana elifaka ekhwapheni alibhekise phansi, agcobe insipho bese egeza izandla njalo. Kubalulekile ukugeza izandla njalo emva kokwenza lokhu okulandelayo:

- Uma siphuma endlini yangasese;
- Uma uqeda ukuphipha usana noma ingane;
- Ngemuva kokuthumila, ukukhwehlela, noma ukufinyela ezandleni;
- Ngemuva nangaphambi kokuhlenga noma ukuthintana nomuntu ogulayo;
- Ngemuva kokuthinta izilwane,
- Ngaphambi kokuba uthinte ukudla;
- Ngaphambi kokuba ufunze ingane.
- Ngemuva nangaphambi kokuvakashela umuntu osesibhedlela;
- Ngemuva kokuthinta izibi;
- Ngemuva kokwenza umsebenzi ongcolisa izandla, njengokucola ingadi noma ukukhanda imoto.

Okunye esingakwenza ukuze siphephe ukugqoka izicathulo uma siya endlini yangasese ukuze amagciwane angangeni emzimbeni ngesikhumba sezinyawo.

Izingane zivamile ukufaka izandla zazo emlonyeni, ngakho kubalulekile ukuzigeza njalo izandla zazo, ikakhulukazi uma ziphuma endlini yangasese nangaphambi kokuba zidle.



*UNgqongqoshe weZempilo KwaZulu-Natal uDkt Sibongiseni Dhlomo*

Uma singathatha lamathiphu ambalwa siwenze isiko-mpilo, lokhu kungenza omukhulu umehluko ukwehlisa izinga lokugula kubantu.

Khumbula ukuthi ukugwema izifo kungcono kunokwelapha.

# U-COGTA UZOKWELUSA OMASIPALA UKUGULA UMNOTHO UWELE EZANDLENI ZABAMPOFU

VERNON MCHUNU

Nakuba uhulumeni edonsa kanzima kuleminyaka kulandela ukwehla kwezinga lomnotho emhlabeni wonke jikelele, nosekube nomthelela ongemuhle nasemnothweni wakuleli, kepha umnyango wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu usaqhubeka nokuqhamuka nezinhlelo ezizothuthukisa isakhiwo sohulumeni basekhaya kanye nesakhiwo sobuholi bomdabu, nokuzolekelela ukwenyusa izinga lokulethwa kwezidingo kubantu emakhaya. Ethula isabelo-mali sonyaka ka 2017-2018 esibekeke ku R1.5 billion, ungqongqoshe womnyango umhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, uthe umnyango uzokwazi ukulekelela omasipala ngakwezezimali, uphinde futhi ubaxhase ekuthuthukiseni indlela abasebenza ngayo.

Kanti-futhi amakhosi azoqhubeka ahlomule ngendlela asebenza ngayo njengoba esazothola uxhaso emsebenzini wawo kanye nasezinsizeni zokusebenza.

Ukuthuthukiswa kwezomdabu kuzophinde futhi kuhambisane nokukhokhelwa kwezinduna, nosekuke kwathatha isikhathi ukuthi kwenzeke ngenxa yokuntuleka kwezimali kuhulumeni.

**Ukuguqulwa ngesivinini kwesimo sezomnotho ukuvulela amathuba kwababencishiwe:**
Ukukhuluma ngomkhankaso wokuvulela amathuba labo abebencishwe wona kuzoba yinto ebonakala kakhulu ezingeni lomasipala ngaphansi kohlelo lokuthuthukisa ezomnotho.

Umnyango uzolekelela omasipala ukuqinisekisa ukuthi amathuba avulelwa labo abebengayitholi imisebenzi yokuthengisa imikhiqizo yabo kuhulumeni. Sizolekelela osomabhizinisi abasafufusa, ikakhulukazi ekukhiqizweni kanye nasekuthengiseni ngemikhiqizo yabo, ukuze kuhlomule labo abengenenawo amathuba phambilini.

Ukuze kuhlomule ikakhulu abantu basemakhaya belekelelwa ngamakhosi, sizokwenza kube wuhlelo lwezolimo oluthola ukuxhaseka kakhulu.

Ngokubambisana nomnyango wezemfundo ngaphansi kohlelo lwawo lokondliwa kwabantwana ezikoleni, umnyango unohlelo oluzoqala kusukela ngenyanga ka Julayi walonyaka u 2017 eMkhanyakude, eKing Cetshwayo, Ilembe, Ugu, Harry Gwala kanye naseThekwini, kanti luzohlomulisa kakhulu abalimi abasafufusa kanye nezikole eziningi ngaphansi kwalezifunda.

**UKUNCISHISWA KWEZITHIYO KOSOMABHIZINISI ABASAFUFUSA:**
Kuyavela ukuthi abaningi osomabhizinisi abasebancane bathola ukucindezeleka ngenxa yemibandela nemidanti eminingi ebakhona mayelana nokukhishwa kwemisebenzi kahulumeni.

Ngakho umnyango uqalise uhlelo lokwenza kubelula ukuthola imisebenzi kosomabhizinisi abasebancane ngokuthi kuncishiswe lemidanti kepha kube kuvinjwa ukwenzeka kwemikhonyovu nenkohlakalo.

Eminye yalemidanti igcina isiyenza ukuthi kuthathe isikhathi eside ukuthi osomabhizinisi abasafufusa bakhokheleke, nokuyinto egcina isibawisile emsebenzini.

Kunomasipala abalishumi kanye futhi nomasipala wetheku, abazolekelelwa kakhulu kulomkhankaso. Phakathi kokuningi okuzokwebhekwana nakho, kubandakanywa:

- Ukwenza lula izinhlelo zophiko lokukhishwa kwemisebenzi komasipala;
- Izinhlelo zokuphasiswa kwamapulani ezakhiwo zomasipala;
- Ukwenziwa ngcono kohlelo lokufaka izikhalazo;
- Ukuthuthukiswa kwendlela omasipala abaxhumana ngayo nosomabhizinisi abasafufusa;
- Ukucwaninga mayelana nemithetho ehambisana nezimpawu zamabhizinisi;
- Ukubhaliswa nokukhishwa kwezimvume zokusebenza komasipala;

**IZIZINDA ZOKUTHUTHUKISWA KWENTSHA NGOKWAMABHIZINISI:**
Kuzoqaliswa uhlelo lokwakha izizinda ezibhekelele ukucija nokunikeza amathuba entsheni mayelana nokuzithuthukisa ngokomnotho.

Lezizinda zizoba nakho konke okudingwa ngumuntu omusha ukuze azithuthukise, kanti futhi sesivumelene nomasipala ukuba babenawo amahhovisi abhekelele izidingo zentsha ngakwezomnotho nokuthola ulwazi ukuze kube yinto ebambekayo nebonakalayo ukunikezwa kwamathuba ezomnotho kulabo abebengenawo.

Lezizinda zizobonakala maduze eMhlabuyalingana, eMsunduzi kanye naKwaDukuza.

**UKUDALWA KAMATHUBA OMSEBENZI:**
Kuyavela ukuthi ngokwezibalo zonyaka u 2016/2017, bangu 2147 abantu asebethole amathuba omsebenzi ngaphansi kwemisebenzi ehlukahlukene kahulumni, nokubalwa kuyona Amakhosi Rural Developmnt, yi Food for Waste, Beadwork programme, ukwakhiwa nokunakekelw kama CSC/TAC, inthuthuko ngokwemigudu yesifundazwe, ukuthuthukiswa kwamadolobha amancane kane nokwakhiwa kwezikhungo zokubhena nezinhlekelele.

Kanti uhlelo lwe Community Works Programme lona seluhlomulise abantu ababalelwa ku 35984 ngamathuba omsebenzi, kanti luyaqhubeka nokukhula luye phambili.


*UNgqongqoshe weZokubusa Ngokubambisana Nezindaba ZobuHoli BeNdabulo, uNomusa Dube-Ncube*

# Lenyukile izinga lokulethwa kwezidingo-ngqangi emakhaya

VERNON MCHUNU

**AMANZI**
Selenyuke lafinyelela kumaphesenti angu 85.5% izinga labantu asebethola amanzi ahlanzekile emakhaya.

Ngokwesimo sonyaka ophezulu wezezimali, abalelwa kuma 288465 amakhaya asethola amanzi ahlanzekile, nokungumphumela wokusetshenziswa kwesamba esibalelwa ku R3.4 wamabhiliyoni, okuyimali esisetshenziswe ngumnyango ukuxhasa amaphrojekthi amakhulu okuletha amanzi kubanjiswene nezakhiwo ezingu 14 zokuletha komasipala bezifunda lapho khona abantu abaningi bebengawatholi khona amanzi ahlanzekile.

Kanti futhi umsebenzi oqhubekayo ngowokuxhasa ezinye izinhlelo zokuletha amanzi ngokwamaprojekthi alandelayo:

- Greater Bulwer (Steven Dlamini Dam) esifundeni iHarry Gwala,
- Greater Mthonjaneni Bulk Water Scheme eKing Cetshwayo,
- Jozini Bulk Water Supply Scheme eMkhanyakude
- Greytown Bulk Water Scheme kwisifunda uMgungundlovu
- Lower Thukela Bulk Water kwisifunda iIlembe
- Driefontein kuya kumasipala Indaka oThukela
- Mhlabatshana Water Supply Scheme kwisifunda Ugu

Ezinye izinhlelo zokwenyuswa kwezinga lokulethwa kwamanzi zibandakanya ukunwetshwa kwamadamu okugcinwa kwamanzi kwizingqalasizinda ezingu 147 ezivele zikhona zamanzi.

Ukubhekelela nekusasa, kunohlelo lokudonswa kwamanzi Emfuleni uMkhomazi, nokulindelwe ukuthi luqale ukwakhiwa kusukela ngonyaka u 2019, noluzothi ngokuphothulwa kwalo lukwazi ukulekelela ingqalasizinda ekhona eThekwini.

**Ukulahlwa kwetshe lentaba:**
Sisalokhu sikhule njalo isibalo semiphakathi esibhekelelwe ngengqalasizinda yokulahla itshe lentaba esifundazweni. Ngokunjalo imiphakathi esinezindlu zangasese ezinemigudu yokushayisa umoya nokulawula izinambuzane nayo iyanda.

**Ukukhanyiswa kukagesi:**
Lenyukile izinga lamakhaya asekhanyiselwe ugesi emakhaya, njengoba isifinyelele ku 2 861 748 imindeni esinogesi ezindlini.

Lomsebenzi wenziwe ngokuzibophezela kukahulumeni ukwenza ngcono izimpilo zabantu, naphezu kokuthi kunesimo sokuntuleka kwemali kuhulumeni ngenxa yokwehla kwezinga lomnotho.

Umphumela wokuthuthuka kwengqalasizinda kagesi sekube wukwehla kwezinga lwalabo abebengakafakelwa ugesi komasipala uMhlabuyalingana, iJozini, Umzumbe kanye nakwa Maphumulo naseNdwedwe.

Labomasipala sebezohlomula kwisamba esithe xaxa kunangaphambilini, sokuba kuthuthukiswe ingqalasizinda yokuphehla ugesi, nokuyinto ezobanomthelela omuhle ekuthuthukiseni hhayi nje inhlalo yabantu kepha namathuba ezomnotho futhi.

Ngaphezu kwezinhlelo ezingaphansi kukahulumeni kazwelonke, ohlelweni lwe Integrated National Electrification Programme, umnyango uCogta esifundazweni usuwenze umsebenzi omningi ngaphansi kohlelo lwawo iMassification programme.

**Nazi izihlelo zikagesi esesiqhamuke nazo:**

- KwaDukuza/Businagthi Infill Project (Okhahlamba LM, 379 abakhanyiselwe),
- Mhlumba Electrification Project (Inkosi LangalibaleleLM, 630 abakhanyiselwe),
- Msobotsheni Electrification Project (Inkosi LangalibaleleLM, 174 abakhanyiselwe),
- Mbabazane Electrification Project (Inkosi Langalibalele LM, 267 abakhanyiselwe) kanye ne
- Mjintini Electrification Project (Msinga LM, 117 abakhanyiselwe) ngesamba sika R40-million.

**Iziqhingi zikagesi:**
Siyajabula futhi ukuthi namuhla sesigcine saphumelela ukuqeda nya lokhu obesekwaziwa ngeziqhingi zikagesi, nalapho bekuthi ohlelweni lukagesi olusendaweni, bese kuba nengxenyana yomphakathi evele yeqiwe ngamabomu ngenxa yokuthi hleze ibonakala ilandela iqembu lepolitiki elisuke linganambithisiseki kulabo abasemagunyeni endaweni.

Lenselelo yeziqhingi besithembisile ngonyaka odlule ukuthi siphezu komsebenzi wokulwisana nayo iqedwe nya.

**Nazi ezinye izinhlelo ezizophothulwa ngaphansi kwesabelo-mali sanonyaka:**

- Ndumo-Geziza 132 Transmission Line (Mkhanyakude District)
- Gezisa Substation
- Mangethe Substation (Mandeni)

Phezu kwalokho, umnyango usubeke eceleni isamba esingu R6.11 wezigidi ukubhekana nokufakwa kukagesi kuwona wonke amakhaya ngaphansi kukamasipala uKhahlamba.



"Ngokunjalo imiphakathi esinezindlu zangasese ezinemigudu yokushayisa umoya nokulawula izinambuzane nayo iyanda."

UNgqongqoshe weZokubusa Ngokubambisana Nezindaba ZobuHoli BeNdabulo, uNomusa Dube-Ncube

# U-COGTA UYAQHUBEKA NOKUTHUTHUKISA INDIMA YAMAKHOSI KANYE NEZIBONELELO ZOBUHOLI BONKANA

VERNON MCHUNU



**AMAKHOSI NJENGABAHOLI BEZINHLELO ZOKUTHUTHUKISA UMNOTHO EZINDAWENI ZASEMAKHAYA:**
Sikhulile isibalo sezinhlelo eziholwa ngamakhosi mayelana nokuthuthukisa umnotho ezindaweni zasemakhaya.

Phakathi kwazo kukhona uhlelo lokukhiqiza iwayini oKhahlamba; uhlelo lokufuya izingulube kanye nokutshala imifino esizweni sase Madungeni; Ukukhiqiza izithelo kanye nokupakishwa kwazo eMpangisweni; uhlelo Imbabazane lapho khona kupakishwa imikhiqizo ngaphansi kwamaphrojekthi aholwa ngamakhosi ahlukahlukene ngaphansi kwendlu yobukhosi oThukela; uhlelo lokulima nokugaya ummbila ohlelweni iMsinga Asisukume Maize Mill projekthi; uhlelo uPhongolo Isilo – oluzinze eMbube Cultural Village.

Umnyango umatasa ukwenza ucwaningo lokuqalisa uhlelo lokukhiqiza amakhowe ngaphansi kwesifunda uGu, amajikijolo ngaphansi kwesifunda iLembe kanye nezinye eziningi.

Kunikeza ithemba ukubona isasasa ezinhlelweni zentuthuko yasemakhaya eziholwa ngamakhosi ngempumelelo, kanti kwenza nomkhankaso wokunikeza amandla omnotho kulaba abebencishiwe uhambe ngesivinini esikhulu.

**Ukubonelelwa kwezinduna:**
Kuyajabulisa ukubona ubufakazi bokuthi lohulumeni uzibophezele ekuthuthukiseni kuphinde kubuyiswe nesithunzi sobuholi bomdabu.

Nakuba isimo somnotho singesihle ezweni, kepha sikubone kusemqoka ukuthi izinduna zithole ukubonelelwa ngokomsebenzi omkhulu eziwenzayo njengezinyawo namehlo amakhosi emsebenzini wokuthuthukiswa kwezizwe zamakhosi.

Njengamanje zibalelwa kuma 2998 izinduna esezihola. Kanti uma sesilungise konke ngasophikweni lwezabasebenzi, zizoba ngu 15 izinduna ezithola lezizibonelelo.

Sinesiqiniseko sokuthi leligxathu esilithathile singuhulumeni lizokwenza ukuthi imiphakathi yasemakhaya ithuthuke kakhudlwana kunakuqali kwazise izinduna zizobe sezinazo izinsiza ngokomnotho.

Futhi yigxathu elibalulekile leli emlandweni waseNingizimu Afrika uma kubhekwa ukuthi abacindezeli babezame ngayonke indlela ukucekela phansi zonke izakhiwo zobuholi bomdabu.

Sibonga iSilo saMabandla kanye noNdunankulu weSifundazwe ngendlela abaselekelele ngayo singumnyango ukuze leliphupho ligcine lifezekile.

**Ukuqeqeshwa kwamakhosi:**
Kanti futhi umnyango ususebenzise isamba esilinganiselwa ku R3.7 wezigidi ukuze silokhu siqhubekile nokuhlomulisa amakhosi ngolwazi oludingekayo ukwenza umsebenzi.

Amakhosi athola ukuqeqeshwa mayelana nomkhakha wezomthetho ukuze akwazi ukusingatha amacala ezinkantolo zomdabu ngokuyikhonakhona.

Kulonyaka ophezulu, umnyango uzosebenzisa imali elinganiselwa ku R4 wezigidi ukuqhubeka nokuqeqesha amakhosi.

Kanti kuzophinde kusetshenziswe imali elinganiselwa ku R2.1 wezigidi ukufundisa amanye amalungu emikhandlu yomdabu mayelana nomkhakha wezokuphatha umphakathi.

**Ukubuyiselwa kobukhosi obuyibona-bona:**
Siyaziqhenya ngokuthi singuhulumeni siqhubeka ngempumelelo ukulungisa umonakalo owadalwa ebukhosini obuhlukahlukene nguHulumeni wamaKoloni kanye nowobandlululo lwamabhunu.

Ubukhosi obulandelayo bubuyiselwe ngokuyikho kulandela ucwaningo nezincomo zeKhomishana emiselwe lomsebenzi:

• kwaShazi eMzumbe ngaphansi kwesifunda Ugu
• Mthembu eNonoti, KwaDukuza ngaphansi kwesifunda iLembe District (isizwe siphinde sabuyiselwa nomhlaba waso);
• Ntshangase eMamba, eNkandla ngaphansi kwesifunda iKing Cetshwayo;
• Xaba eMzumbe;
• Ncwane eMzumbe;

# Sekuvuliwe ukufakwa kwemingenelo ye-KZN Govan Mbeki Awards

SIYABONGA SIGWEBELA

UMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu KwaZulu-Natali uyibambe ngako ekufezekiseni imiyalelo kaSomqulu Wenkululeko (Freedom Charter) oyalela phakathi kokunye ukuthi kumele kubekhona izindlu, ezokuphepha kanye nokuthi bonke abantu bahlale ngokunethezeka.

Yize zikhona izinselelo ezibakhona, uMnyango wenza konke okusemandleni ukuba uphuthumise ukuhlinzekwa kwezindlu zokuhlala abantu ezihloniphekile ukuze kubuyiselwe isithunzi kanye nokuzigqaja kwemiphakathi esifundazweni sonkana. Le mpumelelo ibonakale ngenkathi uMnyango uhlabana ngendondo ye-Best Province of the Year" emncintiswaneni oyingqayizivele i-Govan Mbeki Awards iminyaka emithathu ilandelana (kusukela ngonyaka wezi-2014 kuya kowezi-2016). Lo mncintiswano i-Govan Mbeki Awards owenziwa minyaka yonke wasungulwa uMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu kuZwelonke. Usingathwa yiyona yonke iminyango yezokuHlaliswa Kwabantu yakuzona zozisishiyagalolunye izifundazwe, bese kuthi abahlabene bakuzona zonke izifundazwe bancintisane ezingeni lokazwelonke. Inhloso yalo mncintiswano ukukhuthaza isiko lokuhlinzeka kwezinsiza zomphakathi ngokuvelele, kube kuqhakambiswa futhi kudalwa ukuncintisana okunesasasa phakathi kwababambe iqhaza kwezokuhlaliswa kwabantu.

Sekuvuliwe ukufakwa kwemingenelo kwanonyaka kanti-ke amafomu okungenela atholakala kusizindalwazi (website) somnyango: www.kzndhs.gov.za.

Izinhlaka okusetshenziswana nazo kwezokuhlaliswa kwabantu okungoMasipala, izinhlaka ezibhekene nokuhlinzeka umsebenzi, osonkontileka kanye nezikhungo ziyanxuswa ukuba nazo zingenele ukuze zizokhangisa ngemisebenzi yazo. Lo mcintiswano ukhombisa ubufakazi obuphathekayo bokuzibophezela kwenu ekuhlinzekeni izidingo zomphakathi.

Usuku lokuvalwa umhla zingama-31 kuNhlaba wezi-2017.

# Izinyembezi zenjabulo uNgqongqoshe Pillay enikezela ngezindlu zasempendle

SIYABONGA SIGWEBELA

Impilo isizoba ngcono kwimindeni emithathu ngaphansi kwamasipala waseMpendle kumawadi amathathu okungu wadi 2, 3 kanye no Wadi 4. UNgqongqoshe Pillay ubeseMpendle eyonikezela ngomklamo wezindlu kulama wadi amathathu.

UNgqongqoshe Pillay uqale ku Wadi 3 lapho enikezele ngomuzi kuNkk. Masango. UPillay ukugcizelele ukubaluleka kokugcina lesakhiwo sisesimeni esihle ngoba nesizukulwane sakhe uNkk. Masango kumele sisithole sisesimeni esihle. Ephawula ngokuthola umuzi u Nkk. Masango uthe, "Ngiswele amazwi okubonga, ngiyabonga kubona bonke ababambe iqhaza ukuze kufezeke iphupho lami lokuthi nami ngihlomule ngomuzi omuhle kanje".

UNgqongqoshe ube esedlulela ku wadi 4 lapho afike wanikezela ngomuzi ku Nkk. Hlengwa. Evula ngokusemthethweni umuzi ungqongqoshe Pillay uthe, "Ngokunikeza u Nkk.Hlengwa umuzi ngihlonipha amaqhawe omzabalazo aseshonile". Uphinde wenaba wathi, "Ngiyalwazi usizi elubhekene nalonmdeni njengoba bahlukumezeka kakhulu ngezikhathi zezimpi zombusazwe kubulawa amalungu omndeni kanye nengane eyayincane eyabulawa ngesihluku esikhulu".

"Ngalokhu angiqondile ukuthi ngivala iskhala esavuleka kodwa ngihlonipha u Nkk.Hlengwa kanye namalungu omndeni". Ebonga u Nkk. Hlengwa uthe, "Sengizolala ubuthongo manje ngoba senginophahla ngaphezu kwami, ngiyabonga ku ngqongqoshe kanye naku Meya (uMnu. S. Ndlela) kanye nakubo bonke ababambe iqhaza ukuze ngithole umuzi". Emuva kokuqeda ku wadi 4 ungqongqoshe Pillay kanye nethimba babe sebebhekisa amabombo ku wadi 2 lapho nakhona efike wavula umuzi ngokusemthethweni ewunikeza u Nksz. Zuma. UNksz. Zuma uhluleke nokuzibamba izinyembezi wakhala. UNgqongqoshe Pillay ubonge igalelo lomphakathi ngokubekezela wathi, "Uma imiphakathi ingabumbana kanje akukho okungavimba intuthuko".

Lomklamo uzoletha izindlu ezingu 1500 kumawadi amathathu (2, 3 & 4) ngemali engu R150 million. Iwadi iyodwa izokwakhelwa izindlu ezingu 500. Umklamo wezindlu wakhiwa osonkontileka abahlukene abathathu okungu Motheo Developments ku (wadi 2), uMpheme Developments (wadi 3) kanye ne Isibani Sezwe Construction ku (wadi 4).

Kuzoba nemali elinganiselwa ku R 774 483.00 ezokwengezwa ngohlelo olunwetshiwe lwemisebenzi yomphakathi (EPWP) lapho kuzohlomula intsha engasebenzi yaseMpendle. Iwadi ngayinye izokhetha intsha elishumi (10) lapho bezoqeqeshelwa amakhono emikhakheni eyehlukene kwezokwakha. Amakhono abazoqeqeshelwa wona ilawa,

1. ukubeka istini (bricklaying)
2. umsebenzi wokubaza amaplangwe (carpentry)
3. ukuplastela (plastering) kanye
4.nokufulela (roofing).

Abazokhethwa kuloluhlelo bazoqeqeshwa amasonto ayisithupha befunda izincwadi kuthi uma sebephothulile izincwadi benze umsebenzi izinyanga ezinhlanu kuyona lemiklamo yezindlu eyakhiwawo.




*UNgqongqoshe Pillay ubukele ngesikhathi u Nksz. Zuma ekhaliswa injabulo ngaphambi kokuvulwa komuzi wakhe eMpendle Wadi 2. Kwesincane- lwona umuzi okhalisa u Nksz. Zuma*

# LUGUJWE NGENDLELA EHLUKILE USUKU LOMHLABA LWEZINCWADI

## Singu-NLSA siphethe izincwadi eziyizinkulungwane eziyisithupha (6000) esizohamba sizipha umphakathi endleleni, siwunxenxa ukuthi ufunde

**GUGU XABA NOTHEMBEKA DLAMINI**



Ufike kwezwakala eNquthu uMnyango Wezobuciko Namasiko uhambisana ne-National Library of South Africa lapho bekugujwa khona usuku lwezincwadi emhlabeni jikelele (i-World Book Day).

Lolu suku lugujwa umhlaba wonke mhla zingama- 23 kuMbasa. Inhloso yalo mcimbi othathe izinsuku ezimbili bekuwugqugquzela ukufundwa, ukushicilelwa kanye nokubhalwa kwezincwadi.

Lo mgubho uqale ngokuthi kuhanjelwe izikole ezine ku-Wadi 8 esigodini sasePatsoana, abasebenzi bomnyango Wezobuciko Namasiko baphuma bengena ezikoleni okubalwa kuzo i-Vezinhlanhla Primary, i-Wetsie Secondary, i-Patsoana Primary kanye neMdonswa High school.

Isikole ngasinye sihlomule ngezincwadi zokufunda zesiZulu, isiSuthu kanye nesiNgisi. Kuhanjelwe nasemtholampilo eThathezakhe, nakhona kufikwe kwaphiwa umphakathi izincwadi zokufunda. "Kwangcono umuntu usezoba nencwadi azoyifunda ethi ukuqhuba isikhathi esalinde ukusizakala lapha emtholampilo" kusho uNkk. Thembi Ntuli.

UMama uLerato Mofokeng naye uzijabulele lezi zincwadi njengoba bekukhona nezesiSuthu okuyiso esandile endaweni.

Wabe esethi, "ngijabule kakhulu njengoba silethelwe izincwadi zesiSuthu ngoba kulula ukuqonda into ebhalwe ngolimi lwakho".

Lolu hlelo lokukhuthaza ukufunda lunothiswe ngokufundisa ngezimpawu zezwe okuyifulegi laseNingizimu Afrika nemigomo yokulinakekela kanye nokubaluleka koMthethosisekelo wakuleli. "Eminye yemisebenzi yethu singuMnyango WezobuCiko Namasiko ukufundisa ngezimpawu zezwe lethu sibala ifulegi, inyoni, uhlobo oluthize lwembali ukuthi kusho ukuthini.

Yingakho uHulumeni ezama ukuthi isikole ngasinye esifundazweni sibe nefulegi ukuze kubonakale ukuthi singabaseNingizimu Afrika, nenkomo engenalo uphawu iyalahleka kanti nabantu abangenabo ubuzwe bayalahleka" kusho oyiNhloko ebambile yoMnyango uMnu. Mpumelelo Mnguni. Induna yeNkosi uMama Mncube akawuvalanga umlomo. Ngenkulu injabulo uthe,

"Ngineminyaka eminti ngagana kule ndawo sengize ngaguga angikaze ngibubone ubuhle obungaka ikakhulu ngoba lolu hlobo lwentuthuko alukhethile njengoba nathi sibangaka siphiwa incwadi kuthiwa asifunde kuze sivuleleke ngokomqondo, kodwa kungathi ngempela intsha yale ndawo ingafunda ngempela thina sesibheke yona manje."

UMnu. Matyumza oyisikhulu se-National Library of South Africa (NLSA) ugqugquzele othishanhloko bezikole ukuba bazenzele umtapo nje omncane lapho abafundi bezofunda khona lezi ncwadi ngisho khona emagumbini okufundela.

"Singu-NLSA siphethe izincwadi eziyizinkulungwane eziyisithupha (6000) esizohamba sizipha umphakathi endleleni, siwunxenxa ukuthi ufunde."

Imeya yaseMvoti uKhans. Ngubane uthi "ukufunda kubuyisela isithunzi sabantu abampisholo esadicilelwa phansi ngesikhathi sobandlululo".

Ube esegqugquzela intsha ikakhulukazi ukuba ifunde kakhulu iphinde idlale uma isikhathi sivuma, wathi imfundo iyona kuphela umanqoba. "Isizwe esihlakaniphile yisizwe esigcina amagugu aso, isizwe esihlakaniphile yisizwe esazisa izinto zaso.

Silapha ngoba sifuna konke okuyithi kugcinwe lapho okutholwa khona ulwazi.




Siyokwazi kabanzi nathi, emitapweni yolwazi ziyatholakala izincwadi ezisitshela ngobuthina kanjalo nemvelaphi yethu.

Sifuna kubekhona izingane zethu ezizoziphilisa ngokubhala nangokuhlunga imibhalo ebhaliwe, impela lokhu kungalixosha ikati eziko." kugcizelela uNgqongqoshe.



**"Sifuna kubekhona izingane zethu ezizoziphilisa ngokubhala nangokuhlunga imibhalo ebhaliwe, impela lokhu kungalixosha ikati eziko."**

UNgqongqoshe wezamaciko, Amasiko, Imidlalo nokuNgcebeleka uBongi Sithole-Moloi

# EZEMISEBENZI YOMPHAKATHI ZILOKHU ZILIPHEPHEZELISELE PHEZULU NJALO IFULEGI LOKUCIJWA KWAMAKHONO

MELBA NZIMANDE

UMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi ngokusebenzisana ne-National Home Builders Registration Council (NHBRC) baphume inqina baqeqesha futhi bacija osonkontileka abasakhasa KwaZulu-Natali.

Imikhakha okugxilwe kuyona ibandakanya ezokuphathwa kwemiklamo, ezezimali, ezokwakha, ukubeka isitini, ukufakwa kwamapayipi amanzi kanye nokuplasitela. Injongo yomnyango ngalokhu ukuqinisekisa ukuthi bonke osonkontileka KwaZulu-Natal kuhlanganisa nalabo abasavele ngekhanda baqeqeshwe ngokwanele futhi bayakwazi ukugqamisa iqophelo eliphezulu kwezobuchwepheshe futhi baphinde bazibophezele emsebenzini abawenzayo kuyona yonke imiklamo ababambe iqhaza kuyona. Uhambo lwethu lokuqala lokuhlola lo klamo oqhubekayo lwabe lungoLwesibili mhla ziyi-18 kuMbasa wezi-2017 lapho sihambele ihhovisi leSifunda esiseNingizimu nokuyisona sokuqala esihlinzeka ngemiklamo.

Ukusebenzisana ne-NHBRC kuvule ithuba lokuthi kubhaliswe bonke osonkontileka nokuthi bafakwe ngaphansi kohlelo lomnyango olwaziwa nge-Eyesizwe Development Programme (ECDP).

Lolu hlelo lwaqala ukusebenza ngonyaka wezi-2014 futhi seluhlomulise iningi losonkontileka, ikakhulu labo sonkontileka ababonakala benalokho okudingekayo ukuze kuthuthukiseke amakhono abo ezobuchwepheshe futhi baqasheke kalula ngaphansi koMnyango kanye nakwezinye izimboni ezenza umsebenzi ofanayo. Uma osonkontileka sebephothule izifundo ze-NHBRC, bamukeliswa izitifiketi ezigunyaziwe, ezisezingeni u-NQF 3. Okunye okuyingxenye yemihlomulo yoqeqesho ukuthi osonkontileka bahlinzekwa ngamathuluzi okusebenza, izingubo zokuzivikela kanye nesidlo sasemini ngesikhathi kuqhubeka ukuqeqeshwa. Labo sonkontileka okunguPamela Shandu (oneminyaka yobudala engama-43) kanye noHlengiwe Mthembu (oneminyaka yobudala engama-30) babe yingxenye yabanye osonkontileka abaye badlana indlebe noPhiko lwezoKuxhumana.

Bobabili laba besifazane bebengawuvali umlomo bejabulela lokho abebekufunda kulolu qeqesho. U-Pamela uthe lolu qeqesho lumembule amehlo wazuza okukhulu wazibona lapho ekade engenzi kahle khona ngokolwazi lwakhe abekade enalo maqondana nokufakwa kwamapayipi amanzi; kanti uHlengiwe yena uzizwa engokhethekile njengoba ebe yingxenye yalolu qeqesho.

"Ukuhlabana naleli thuba elinje ube ungowesifazane osemusha kuyinto engandele bani", uHlengiwe esho engawuvali umlomo. Ngenyanga kaMbasa kowezi-2017, iSifunda esiseNingizimu sizoqalisa uhlelo lokuqeqesha osonkontileka ababhaliswe ngaphansi kohlelo i-ECDP, eMgungundlovu kuzoqeqeshwa abangama-20 maqondana nokufakwa kwamapayipi, e- Harry Gwalwa kuqeqeshwe abangama-25 maqondana nokubeka isitini bese kuthi ngaphansi kwesiFunda uGu kuqeqeshwe abangama-20 maqondana nokupulastela.

Lolu qeqesho luzoqhutshwa nakwezinye izifunda khona maduze nje ukuze kuqinisekiswe ukusatshalaliswa kolwazi KwaZulu-Natal. Osonkontileka bakhombise ukulithokozela kakhulu leli thuba lokufunda ngoba abakhokhi ngisho isenti leli futhi bazokwazi ukuthola izitifiketi ezigunyaziwe, okuzobavulela amathuba ahlabahlosile ekusasa labo. Iningi lalabo sonkontileka ngabantu abasha kanye nabesifazane. Lokhu kuqhakambisa inguquko eNingizimu Afrika, nokwenza ukuthi kuvuleke iminyango yokuqala amabhizinisi kwabesifazane.

Ezokuthuthukiswa Komnotho zalapha esiFundazweni zenze ukuthi umnyango ukwazi ukuthola abe-Somvi General Services ukuze bazoqeqesha osonkontileka ngaphansi kweSifunda uMgungundlovu. Le nkampani ingegunyazwe yi-Construction SITA futhi ingeyabesifazane abamnyama nokuphinde futhi kugqamise impumelelo yabesifazane kwezamabhizinisi eNingizimu Afrika. UMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi ngaso sonke isikhathi uhlala unenhloso yokuhlomisa intsha kanye nabesifazane ngokubacija amakhono abo kwezobuchwepheshe eNingizimu Afrika. Lolu hlelo aluzogcina nje ngokusiza intsha kanye nabesifazane ukuthi bakwazi ukwelekelela imindeni yabo, ngaphezu kwalokho bazokwazi ukuba ngosomabhizinisi abavelele abazodala amathuba omsebenzi kubantu abaningi besifazane kanye nentsha engasebenzi.



*Osonkontileka abathokozile behalalisa uMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi KwaZulu-Natali ngokubahlomisa ngamakhono azobathuthukisa emikhakheni yemisebenzi abakuyona.* ***Isithombe:* NOLUTHANDO MAZIBUKO**

# UMnyango wezemisebenzi yomphakathi ubemukele ngemfudumalo

MELBA NZIMANDE

NgoLwesihlanu lomhla ziyi-5 kuNhlaba wezi-2017, uMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi wamukele abafundi abangama-24 abavela esikhungweni semfundo ephakeme iNyuvesi yaKwaZulu-Natali abayingxenye yohlelo lwemifundaze oluhlinzekelwa abantu okungebona abasebenzi bomnyango oluhlinzekwa wuPhiko Lwezokuthuthukiswa Kwabasebenzi. Kulo nyaka wezi-2017 kuhlomule abafundi abangama-35 kulolu hlelo.

Lolu hlelo kuhloswe ngalo ukucija abafundi ngamakhono akule mikhakha eyentulekayo esingabala i-Architecture, i-Quantity Surveying, eZobunjiniyela, uKuphathwa Kwemiklamo Yezokwakha kanye neZokuthuthukiswa Kwezakhiwo.

Lawa makhono ayingxenye emqoka yomsebenzi uMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi ojutshwe ukuba uwenze ukuze uhlinzekele umphakathi kanye nezinhlaka ezisebenzisana noHulumeni. UMnu. Phiweyo Duma, onguMqondisi Omkhulu kweZemisebenzi Yomphakathi ophikweni Lwezemisebenzi Edidiyelwe wemukele abafundi abasha ababeqhilika izihlathi injabulo. Kulokhu kuhlangana okuyingqayizivele, uMnu Duma ubephelezelwe uMnu. Glen Sithole onguMqondisi oPhikweni Lwezabasebenzi kanye noNk. Carol Stuart-William oyisekela likaMqondisi oPhikweni Lwezabasebenzi. Abafundi bachazelwa kabanzi ngemininingwane emaqondana nohlelo lwemifundaze, okubandakanya imigomo yokuzibophezela komnyango ngokunjalo nalokho okulindelwe umnyango nakubafundi lapho bephothula izifundo zabo. Emva kwezingxoxo kwabe sekuvulwa ithuba lokuba abafundi babuze imibuzo ngalokho abafisa ukucaciseleka kukona.

Kulolu hlelo lwemifundaze umnyango uhlomulise abafundi abaningi. Luyaqhubeka uhlelo lokunxenxa abafundi eNingizimu Afrika jikelele ukuba bafake izicelo zokuhlinzekwa ngale mifundaze.

Ukuze kufinyelelwe entsheni eningi, kusetshenziswa izinkundla ezahlukahlukene esingabala kuzo izikhangiso emaphephandabeni, ukuhambela izikole, ukwenza izithangami zokwazisa ngemisebenzi engafundelwa, ukuhlanganyela nomphakathi kuma-War Room koMasipala, nangenkathi kunemikhankaso yeminyango kahulumeni neyesifundazwe yokuya emphakathini.

Lolu hlelo lwemifundaze lumenyezelwa kuzona zonke izithangami lapho abasebenzi boPhiko Lwezabasebenzi beluleka labo bafundi abanokufaneleka ukuba bathathe izifundo ezisemkhakheni wezokwakha esingabala i-Architecture, i-Quality Surveying, eZobunjiniyela, uKuphathwa Kwemiklamo Yezokwakha kanye neZokuthuthukiswa Kwezakhiwo.

Lolu hlelo lukhokhela imali egcwele yokufunda kanye neyokuhlala.

Lunikezela nangemali yokuthenga izincwadi zokufunda kanye nezinye izidingo eziqondene nokufunda. Emva kokuba abafundi sebephothule izifundo zabo, uMnyango ube sewubafaka oHlelweni lwawo Lwamathwasa (Internship Programme), lapho bayaye banikezwe abeluleki abazobalekelela kuze kube bayaphothula, bese bethola izitifiketi ezibagunyaza ngokusemthethweni ukuthi sebevuthiwe kulawo makhono abo.

Umnyango ubeseka bonke abafundi baze bayophothula uHlelo Lwamathwasa ukuze kuqinisekiswe ukuthi bayaphumelela. Ngenkathi kuhlangenwe abafundi bezokwaziswa ngalolu hlelo lwemifundaze, abaphathi baye bathola ithuba lokubeluleka laba bafundi.

UMnu Duma uthe bangalokothi bakukhohlwe lokho abakuphokophelele, okumele bakwenze nje ukuba baphumelele ezifundweni zabo bathole iziqu zabo. Waqhubeka wagcizelela ukuthi kufanele bakulahle le kude ukuzicabangela bona, ukuzazi, nokuthanda izinto kanye nokubandlululana ngoba lezo zinto aziyisani ndawo empilweni. UMnu. Sithole yena ugcizelele kakhulu ekutheni babe nobuntu nokusebenza ngobuqotho kulesi sikhathi esimqoka sezimpilo zabo.

Abafundi bathokoze kakhulu futhi abayivali imilomo ngokuhlabana ngale mifundaze ngingasayiphathi-ke eyokuthi baqinisekiswe ukuthi lapho sebephothule izifundo zabo bayobe sebeqashwa. Kuningi okuhle osekwenziwe abafundi abahlomula ngemifundaze phambilini, iningi labo likwazile ukondla imindeni layo, ukwakhela abazali imizi futhi baba yizibonelo ezinhle emiphakathini yangasemakubo. Lolu Hlelo Lwemifundaze noLwamathwasa lulethe inguquko enkulu kubona bonke abafundi abahlomule ngaleli thuba lemfundo. Lolu hlelo lukhombisa ukuzinikela kukaHulumeni ekuhlomiseni nasekuthuthukiseni intsha, ukuze ibe isibonelo esihle emiphakathini yangakubo futhi yenze ngcono iNingizimu Afrika.



*Abafundi abathokozile abahlomule ngemifundaze eMnyangweni Wezemisebenzi Yomphakathi.* ***Isithombe:* MELBA NZIMANDE**



*Abalimi abaxhaswe nguMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya.* **Isithombe:** **MBUYISELO NDLOVU**

# BATHOLE ITHUBA LOKUKHANGISA UMKHIQIZO WABO ABALIMI BASE KOKSTAD

Inhlabathi ingumgogodla wempilo kuwo wonke umuntu okhona emhlabeni, ngakho-ke kufanele siyinakekele ukuze nayo iqhubeke nokusukhiqizela umkhiqizo omuhle.

**PHUMZANI NDLANGAMANDLA**

Uphenduke umbukiso nesigcawu sokuzikhangisa kwabalimi abasafufusa umbungazo wosuku lwabalimi obubanjelwe esikhungweni socwaningo soMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali esise Kokstad.

Lomgubho ubuhlelwe yihhovisi laloMnyango kanti ubuhlanganisa abalimi asebethuthukile nalabo abasafufusa ngenhloso yokucobelelana ngolwazi nangezindlela ezibheke empumelelweni.

Abalimi belulekwe ngokuthi bangahali balinde umuntu ozoza kubo kodwa mabasukume bezingele ulwazi nosizo oluzobalekelela ekuzithuthukiseni. Isikhulu esiphezulu soMnyango uNksz uFikule Qwabe uxwayise abalimi ngesihlava esibizwa nge-Fall Army Worm esike saba sematheni ngokuhlasela sicekele phansi izitshalo zabalimi esifundazweni nasezweni nonke ezinyangeni ezimbalwa ezedlule.

Uphinde wabeluleka ngokuthi basondelane noMnyango ukuze bekwazi ukuthola ulwazi nosizo kalula njengoba ethe uMnyango unazo izinhlelo eziningi zokubathuthukisa.

Nakuba kunjalo, okaQwabe utshele abalimi ukuthi behlise amaphaphu njengoba uMnyango ukuqhaphe ngelokhozi ze uqikelele ukuthi lesi sihlava asisabalali.

"Ngingasho nje balimi ukuthi yehlisani amaphaphu njengoba isathule imibiko ngokubonakala nokusabalala kwalesi sihlava kanti futhi noMnyango wethu uhlome uyizingovolo ngezinhlelo zokunilekelela ekubhekaneni nalo mashayabhuqe wesihlava.

Ngiyathanda futhi nokuleluleka ngokuthi nisondelane noMnyango ngoba umagane ukunisiza ngezinhlelo eziningi zokunifukula," kusho uNksz uFikile Qwabe.

Exwayisa abalimi, uthe kufanele bebike ehhovisi eliseduze nabo uma kukhona abasola ukuthi kuyiso okanye kuyizimpawu zaso lesi sihlava.

Uthe kubalulekile ukuthi bebe nezinombolo zezincingo zabeluleki babo ukuze bekwazi ukubika ngokushesha.

Kulomgubho abalimi bathole ithuba lokuxhumana nezinhlaka abazidingayo ukuze bathole usizo bephinde bekhangise nangemikhiqizo yabo kuabo abangahle beyithenge.

Uphinde wenza kwaba lula ukuthi bathole izinkampani ezinkulu ezibadayisela izinsiza kusebenza abazidingayo ekwenzeni umsebenzi wabo wemihla njengoba bekukhona izinkampani ezinkulu ezidayisa izimbewu zezitshalo ezehlukene, ezidayisa ogandaganda, inkasa yokunisela izitshalo kanye nokunye okuningi.

UNksz uNontokozo Mchunu naye ovela eMnyangweni uqhakambise ukuthi abalimi kufanele bafunde futhi bayiqonde inhlabathi abaybisebenzisayo.

"Inhlabathi ingumgogodla wempilo kuwo wonke umuntu okhona emhlabeni, ngakho-ke kufanele siyinakekele ukuze nayo iqhubeke nokusukhiqizela umkhiqizo omuhle.

Kubalulekile ukuthi nikwazi ukubona inhlabathi ephilile nezokwazi ukukhiqiza umkhiqizo omuhle," kusho uNksz uMchunu.

Phakathi kwabebehambele lomgubho kubalwa nezikhulu zoMnyango wezoLimo eSifundazweni sase- Eastern Cape abebemenywe yihhovisi lase Kokstad ngenhloso yokuzocobelela abalimi ngolwazi njengoba indawo yase Kokstad isondelene kakhulu nomngcele ohlukanisa lezi zifundazwe zombili.

*"Nakuba kunjalo, okaQwabe utshele abalimi ukuthi behlise amaphaphu njengoba uMnyango ukuqhaphe ngelokhozi ze uqikelele ukuthi lesi sihlava asisabalali."*



**"Ngingasho nje balimi ukuthi yehlisani amaphaphu njengoba isathule imibiko ngokubonakala nokusabalala kwalesi sihlava kanti futhi noMnyango wethu uhlome uyizingovolo ngezinhlelo zokunilekelela ekubhekaneni nalo mashayabhuqe wesihlava."**

UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa Kwezindawo eziseMakhaya, uMnu Themba Mthembu

# KULOKOZA INHLANSI YETHEMBA KUBASEBENZI BASEMAPULAZINI KWAZULU-NATAL

**PHUMZANI NDLANGAMANDLA**

Babuyelwe yithemba abasebenza emaplazini eNdwedwe kulandela imbizo ebibizwe nguNgqongqoshe woMnyango wezaBasebenzi kuZwelonke, uMildred Oliphant ngokubambisana noNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali.

Inhloso yale mbizo bekuwukuzolalela izikhalo nezimvo kanye nokuzokwazisa abasebenzi basemapulazini ngamalungelo abo njengoba kuhlaluka ukuthi abanye abaqashi bawashaya indiva.

Le mbizo, ebisezinkundleni zemidlalo eMthombisa eNdwedwe esisweni senkosi uNgcobo, ibihanjelwe wubuholi besifundazwe obuphezulu njengalokhu bekukhona ibamba-Ndunankulu, umhlonishwa uSihle Zikalala onguNgqongqoshe woMnyango wokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nezeMvelo eSifundazweni, ubuholi bomkhandlu wase-ILembe, umasipala waseNdwedwe kanye nobuHoli Bomdabu.

UNgqongqoshe uMildred Oliphant uthe: “Phakathi kwezinto ezisemqoka kithi, yimthetho eqinisa ubudlelwano phakathi kwabasebenzi nomqashi, siphinde sibe nomqulu oqukethe abalungelo abasebenzi kanye nowezokulingana. Silapha-ke namuhla ukuzolalela izimvo kanye nezikhalo zenu njengoba sazi ukuthi abanye abaqashi bawanyathela ngezinyawo amalungelo enu,” kusho umama uOliphant. Uphinde wanxusa ukuba babe nobudlelwano nabasebenzi bakwamanye amapulazi ukuze bekwazi ukusheshe bebone lapho umqashi exhaphaza amalungelo abo ngoba bazobe sebecobelelene ngolwazi. Ubuye waveza nokuthi abasebenzi abaningi abakwazi ukubona nalapho sebehlukumezeka ngenxa yokuthi abanalo ulwazi olwanele ngokuthinta amalungelo abo.

Umhlonishwa uMildred Oliphant uthe sebenomgomo omusha olawula ukuthi abaqashi abangahambisani nemithetho yezabasebenzi uhulumeni ngeke ayithenge imikhiqizo yabo.

UNgqongqoshe uMthembu uthe kuyabonakala namanje ukuthi abasebenzi basemapulazini basahlukumezeka kanti namalungelo abo asabukeleka phansi. “Uma kufe umlimi kukhalwa nkalo zonke, kodwa uma kufe umsebenzi kucweba iziziba. Lokho nje kukodwa kukhombisa ngokusobala ukungalingani,” kusho uMthembu.Uqhube wathi bazimisele ukusebenzisana neminye iminyango kahulumeli wesifundazwe nekazwelonke ethintekayo. “Kusafanele sisebenze kanzima futhi siyazibophezela ekubambisaneni neminye iminyango ebandakanyekayo kulokhu njengoMnyango wezaseKhaya njengoba kuvela ukuthi abanye abanabo ngisho nomazisi. Okudumaza kakhulu-ke kunakho konke ukuthi nina njengabasebenzi abasebenza ukukhiqiza indathane yokudla nsuku zonke, yinina kaye futhi enilala ningadlile niswele khona lokhu kudla enikukhiqizayo,” kuqhuba uMvelase. Uthe kuyashaqisa ukuzwa ukuthi abanye abasebenzi babhekana nenkinga lapho kufanele beye emitholampilo njengoba beveze ukuthi uma beyothola ukunyangwa noma beyolanda imithi kodokotela, bathathwa njengabantu abangekho emsebenzini futhi abangeke beluholele lolo suku.



*UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natal, uMnuz uThemba Mthembu kanye nomsebenzi waseplazini.* ***Isithombe: MBUYISELO NDLOVU***

Phakathi kwezikhalo ezivezwe ngabasebenzi kugqame inkinga yezindlu ezingekho esimweni esigculisayo kanti abanye abanazo nhlobo, ukungabi bikho kwezindlu zangasese nengwadla enkulukazi kagesi. Babuye baveza nokuthi umqashi umaqumela indima yosuku, uma ingaphelanga lokho kusho ukuthi usuku lonke alubalwa eholweni nokuyinto ayihlabe wayihlikiza uNgqongqoshe uOliphant.

# UMnyango wezolimo nezinhlelo zokufufukula abamnyama kwezolimo

**SIMPHIWE NDWANDWE**

**UGUQUKO** lwezolimo ngeke lusale ngaphandle njengoba kukhulunywa ngoshintsho oluphuthumayo kwezomnotho okujongwe ukuba lubandakanye abantu abamnyama ababencishwe amathuba ngesikhathi sobandlululo. Lokhu kuvele enkulumweni yesabelozimali esethulwe nguNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMhlonishwa uThemba Mthembu muva nje. UMthembu wethule imali engu-R2 billion uMnyango wakhe ozosebenzela phezu kwayo enyakeni wezimali ka-2017/18.

Uthe njengalokhu ezweni kukhulunywa indaba enkulu yjokuba kufakwe abantu abamnyama kwezomnotho kungaba yisulubezi elikhulu ukushiya abezolimo ngaphandle njengoba kuyiqiniso lomlando ukuthi ubandlululo lwabakhubaza kakhulu lwabashiya bengenalutho.

UMhlonishwa uMthembu uthe eqhulwini lwezinhlelo zoMnyango kukhona uhlelo lokubuyisela abamnyama endimeni yezolimo yokuhwebelana nezimakethe eziconsisa amathe kwezomnotho ukuze kufezeke iphupho likaHulumeni loguquko oluphuthumayo lwezomnotho.

Lokhu uthe kuzokwenziwa ngokulandela ukulawula kwenqubomgomo kaHulumeni ebhekele ezolimo ebizwa ngokuthi yi-Radical Agrarian Socio Economic Transformation Programme (RASET). Ukubaluleka kwalolu hlelo kubonakale nangokuthi ngesikhathi kuklanywa iqhinga lokusebenza komnyango kusetshenzelwe phezu kwalo lolu hlelo lwe-RASET kube yilona oluyinkombandlela. Lokhu uMthembu uthi kuyaphoqa kakhulu ukuba kwenzeke ukuze kuzoguqula isimo sokungashaywa mkhuba kwabalimi abamnyama ngenxa yensila yobandlululo obeluqhamuka ngazo zonke izindlela futhi luwumgoqo ovalele bonke abebeyiqaqa kuHulumeni wobandlululo iqhubekela phambili. Phakathi kwezinto okufanele zilungiswe yi-RASET yilezi:

- Ukuthuthukiswa kwabalimi abasathuthuka kugxilwe emkhakheni wezemfuyo nokukhiqizwa kokudla kwasemhlabathini. Lokhu kuhlanganisa nokusungulwa kwamathuba emisebenzi nokuxhunyaniswa nezimakethe ezisimeme kwabalimi ababambe iqhaza.
- Ukuthuthukiswa kwengqalasizinda okubanzi okuphathelene nentsha, abesifazane nabantu abakhubazekile.
- Ekugcineni kuyoba ukugqugquzelwa kwabalimi abamnyama abasemkhakheni wezamabhizinisi ezolimo okunjongo yakho ukuba kwandiswe isibalo sosozimboni abamnyama abagxile kulo mkhakha wezolimo. Ngalokhu kujongwe ukuba kuvalwe igebe eliwugabagaba elivulwe wukungalingani kwabalimi ngenxa yomlando omuncu wobandlululo oseyingxaki enkulu ngisho nanamuhla nakuba izwe selikhululekile.



*Abalimi abamnyama baseqhulwini oguqukweni lwezolimo uMnyango oza nalo kulo nyaka wezimali.* ***Isithombe: MBUYISELO NDLOVU***

Esabelweni sakhe sezimali uthe uyakuqonda ukuthi luselude ukhalo okusafanele lihanjwe ukuze kugcine kube khona ukudlondlabala okubabazekayo kwabamnyama kwezolimo.

Njengamanje uyavuma ukuthi impela abalimi abazimele basabhula amaphiko kulo mkhakha ndlela yokuvunwa yiqiniso lo mlando elihambisana nokungabi nabulungiswa ekwabiweni kwamandle omnotho.

Lesi sabelozimali esethuliwe sizozama ngamandla ukuba kuphoswe itshe esivivaneni ezinhlangothini ezehlukene ukuze kuhlomule abantu abehlukene abakhalela usizo kuHulumeni bona ngokwabo abangenakukukwazi ukuzisukumela bona mathupha.

Njengalokhu uMnyango ubugcizelela ukuthi umuntu eze nanakho okungu-50% bese ehlkangantshezwa ngomunye u-50% uHulumeni lokhu uMthembu ukuhlabe wakuhlikiza njengalokhu ekhala ngokuthi umuntu odla imbuya ngokuthi uzowathathaphi amandla okuqongobezela u-50% ekubeni engalutho nhlobo.

Yingakho sekuzophinde kune nguHulumeni oqala phansi umuntu ngosizo kodwa nakhona kungeke nje kuthathwe noma ubani osethe yena ufuna ukulima bese egixabezwa imali kaHulumeni ngaphandle kokubheka ukuthi akhona yini amathuba empumelelo. Nazi izinhlelo uMnyango obheke ngabomvu ukuthi zivuselelwe noma zifakwe umfutho:

- Isivande umuzi ngomuzi
- Izingadi zomphakathi
- Izingadi ezisezikhungweni (emasontweni ezikoleni, emitholampilo nasezikhungweni zokunikezela ngosizo emphakathini)
- Isihlahla sezithelo umuzi ngomuzi
- Ihektha elilodwa umuzi ngamunye
- Ukufuywa kwezimbuzi zendabuko nezinkukhu umuzi ngamunye
- Ukukhiqizwa kwamakhowe okudayisa
- Ukukhuliswa kwezinhlazi ngenjongo yebhizinisi
- Ukukhiqizwa kwemfuyo.

Ukusetshenzwa kwazo zonke lezi zinto uMthembu uthe kweyeme ekuqinisweni kokusebenza kwabeluleki bezolimo. Ukuze aqinisekise ukuthi uMnyango umi ngomumo ukuhlinzeka abalimi nomphakathi wesiFundazwe izidingo zawo uMthembu uhlele ukhukhulelangoqo wengqungquthela wokuhlomisa abeluleki ngolwazi nanokuba ubakhombise indlela uMnyango ozohamba ngayo kubhekwe phambili. Inhloso enkulu ngeyokuba manje baphononongwe ngononina ukuze baqonde iqhinga lo Mnyango futhi bazimisele ukusebenzela phezu kwalo ze kuphumelele uguquko lwezomnotho wezolimo i-RASET.

# UQINISWA EZIKOLENI UMKHANKASO WOKULWA NEZIDAKAMIZWA

**MABUYI MKARRY**

UMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda uthathe umkhankaso wokulwa nezidakamizwa wawuyisa ezikoleni eziseningizimu yeTheku kulandela ukwanda kwezigameko zobugebengu okuthiwa budalwa kakhulukazi yizingane ezisebenzisa izidakamizwa.

UKaunda uhambele elokishini laseWentworth wangena ezikoleni ezimbili, Umbilo Secondary neFairvale Secondary, lapho enikeze ithemba kubafundi ukuthi ikusasa lisekhona yize laba bafundi bebhekene nalesi sihlava.

Kuzona zombili lezi zikole uMphathiswa utheleke namaphoyisa aqale ngokusesha izikhwama zabafundi ngenhloso yokuthola labo abadayisa izidakamizwa kanye nabaphatha izikhali esikoleni.

Lezi zikole zombili zibalwa nezihamba phambili kulesi sifundazwe esezihlukumeze imiphakathi eminingi ngenxa yabafundi abadayisa baphinde babheme izidakamizwa.

Kuthiwa iningi lalaba bafundi baphetha ngokuthi babe ondinga sithebeni abahlukumeza emakhaya.

Ekhuluma nabafundi uKaunda uthe: "Laba abashushumbisa izidakamizwa bacekela phansi izimpilo zenu. Akukho okunye abakufunayo kunina ngaphandle kokunisebenzisela ukuthi kuzuze bona ekugcineni. Ibona abaphetha ngokuba nemali nazo zonke izinto zasemhlabeni. "Nina niphetha ngokungabi nakusasa, abanye benu bagcina ngokufa kabuhlungu bashiye abazali bekhungathekile bengazi ukuthi bathatheni bayihlanganise nani. Okwethu njengoba size lapha ukuthi sininikeze ithemba siphinde sinigqugquzele ukuthi nizimisele ngempilo yenu. Kubalulekile ukukhetha abangani abalungile nabaziphethe kahle ukuze ikusasa lakho liqhakaze."UKaunda ubuye wathinta udaba lokungafiki ngesikhathi kwabafundi esikoleni waxwayisa abafundi ukuthi ukufika ngemuva kwesikhathi kuba nomphumela omubi ezifundweni zabo, nokuthi kukhombisa ukungazimiseli nokungabi nandaba ngomsebenzi wesikole.

"Ngiyaninxusa ukuthi kumele nibeke imfundo phambili kuzona zonke izinto enizenzayo njengoba uHulumeni edinga abantu abasha abazoba ososayensi, onjiniyela nosomabhizinisi abazobeka isifundazwe nezwe lethu lonkana phambili yikhona kuzosimama umnotho wezwe," kusho uKaunda.




*UMphathiswa uMnu Mxolisi Kaunda ekhuluma nabafundi ngenkinga yokusetshenziswa kwezidakamizwa.* ***Isithombe:*** ***ZINGISA HLATHI***

# Asinamahloni siya phambili noguquko kwezomnotho - Kaunda

■ Lelisu livunywe isiGungu sesifundazwe, ukukhombisa ukuthi ezokuguqulwa ngokushesha kwezomnotho kuzoba yisu likaHulumeni wesiFundazwe.

UMnu Mxolisi Kaunda ophathiswe ezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi usenxenxe bonke osomabhizinisi abasafufusa abamnyama abasembonini yezokwakha ukuba babambe ngezandla zombili amathuba uMnyango wakhe owavezayo ngaphansi kohlelo lokuguqulwa kwenhlalo-mnotho.

Ngesikhathi ethula inkulumo yakhe enohlonze esidlweni sasekuseni ngesikhathi kunomhlangano we-Progressive Professional eThekwini muva nje, uKaunda uthe uMnyango wezokuThutha kulesi sifundazwe uzosebenzisa wonke amandla onikwe wona ukuqinisekisa ukuthi osonkontileka abasafufusa, ikakhulukazi abesifazane nentsha bayahlomula kwisabelo-mali soMnyango esingu-R7.2 billion esibhekene ngqo nengqala-sizinda yomgwaqo neyezokuthutha. Uthe uMnyango awengamele kumanje awukho esikhathini sokulokhu ukhuluma ngohlelo lokuguqulwa okusheshayo kwenhlalo-mnotho kodwa kumanje usuqalile ukusebenzisa lolu hlelo.

"NjengoMnyango, sesiqhamuke nesu elididiyelwe elibhekene ngqo nezokuguqulwa okusheshayo kwenhlalo-mnotho.

Okulindeleke ukuthi ngalo kube nokuthuthula ngokuthi kwande abantu abamnyama endimeni yezokuthutha nasemnothweni jikelele. Lelisu livunywe isiGungu sesifundazwe, ukukhombisa ukuthi ezokuguqulwa ngokushesha kwezomnotho kuzoba yisu likaHulumeni wesiFundazwe.

Kuzokuba wuhlelo olungena kuyo yonke imikhakha yomnyango, izinhlaka esisebenzisana nazo, okuhlanganisa nabasihlinzeka ngezinsiza," kusho uKaunda.

Uthe uMnyango wazi kamhlophe ukuthi izinguquko zizobathinta kabuhlungu labo bantu abafuna ukugcina isimo esikhona sinjalo.

Ukuletha uguquko esimweni somnotho esingenakho ukulingana, esasakhelwe ukwenzelela abathile, angeke kuze kube lula," kusho uKaunda.

"Simile embonweni wokuthi inkululeko yezepolitiki ngaphandle kwamandla omnotho akuwenzi umehluko.

Yingakho kumele siqinisekise ukuthi siyaphumelela ukuthola inkululekо kwezomnotho kulesi sikhathi," kusho uKaunda.



*UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda*

*"Simile embonweni wokuthi inkululeko yezepolitiki ngaphandle kwamandla omnotho akuwenzi umehluko."*



**"NjengoMnyango sesiqhamuke nesu elididiyelwe elibhekene ngqo nezokuguqulwa okusheshayo kwenhlalo-mnotho."**

UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda

# OWEZEMFUNDO UHLANGANE NEZINHLAKA EZAHLUKENE UKUTHOLA IZIMVO ZAWO NGESABELOMALI

**NOMPUMELELO GASA**

Ngaphambi kokuthi uMnyango wezeMfundo KwaZulu-Natal uthule ngokusemthethweni isabelomali sika 2017/2018, iNhloko yoMnyango, uDkt Enock Nzama, Ihlanganyele nezinhlaka ezibalulekile eMnyangweni okubalwa abazali, abafundi kanye nothisha endaweni yase Ntuzuma, eBhekisisa High School, mhlaka 02 May 2017. Inhloso enkulu yalombuthano bekuwukubika ngesabelo zimali esabelwe uMnyango kanye nokuzwa iziphakamizo mayelana nesabelomali soMnyango.

Kulombuthano obuhanjelwe izikole eziyisihlanu ngaphansi kwesiFunda iPinetown District, bekukhona neKhansela lendawo uKhansela uMama uMhlongo, owazwakalisa okukhulu ukukhathazeka ngendlela okunikezwa ngayo amazinga izikole, nokwaziwa nge quintile ranking.

UKhansela wanxusa uMnyango ukuthi ulubhekisise loluhlelo. “Kuyangikhathaza kakhulu ukuthi kunezikole endaweni yethu ezingahlinzekwa ngohlelo lokudla ngoba zibekwe ezingeni lezikole ezisendaweni ephucuzekile kuthi uma weqa umgwaqo khona endaweni uthole ukuthi esinye siyahlinzekwa ngokudla. Kuyasikhathaza kakhulu lokhu ngoba abantwana bethu bayaludinga loluhlelo lokudla ngenxa yokuthi iningi labo liqhamuka emindenini eswele,” kubeka uKhansela uMhlongo. Ithuba lokuphawula, nokubeka iziphakamiso, lanikezwa bonke ababehambele lombuthano, abazali, othisha kanye nabafundi babekhala esifanayo okuwukuphepha abakubona kungekho ezingeni eligculisayo ezikoleni, kanye nokuthuthukiswa kwengqalasizinda.

U Anele Mgwaba ongumfundi wase Bhekisisa High School, wanxusa uMnyango ukuthi imali eyabelwe ingqalasizinda ezikoleni ithi ukunezezelwa ngoba “kuyacaca ukuthi ayanele.”

UMgwaba waphinda wanxusa ukuthi kuhlinzekwe izikole ngama laboratories kanye nezokuphepha zibe sezingeni eligculisayo.

INhloko yoMnyango yawuthakasela kakhulu lombuthano ngendlela owawukhombisa ubumbano nokuzimisela kwazo zonke izinhlaka ekuthuthukiseni izinga lemfundo KwaZulu-Natal. “Kuyangijabulisa kakhulu lokhu engikubona kulendawo, nikhombisa okukhulu ukuthanda imfundo nokulangazelela ukubona intuthuko ezikoleni.

Bantwana bami kuyangithokozisa ukubona ukuthi impela othisha benu bayafundisa, lokhu ngikusho ngendlela imibono yenu ephuse ngayo. Yonke imibono yenu sizoyithatha siyihlalele phansi siwuMnyango futhi eminye sizoyishicilela enkulumweni ya Mphathiswa uDlungwana ukuze ayithule uma esethula inkulumo yesabelo mali eSishayamthetho, ngomhlaka 04 May 2017,” kuphetha uDktl uNzama.

Emuva kokuthi sesithuliwe isabelomali soMnyango, INhloko yoMnyango yaphinde yahlangana nezinhlaka ezahlukene okubalwa kuzo abafundi, othisha kanye nama Subject Advisors. Inhloso yalombuthano kwakuwukwuzwa izimvo zalezizinhlaka ngesabelomali esasesithuliwe uMnyango



*Omunye wabafundi ephawula ngemvakokuchazelwa ngesabelomali.* ***Isithombe: SIBONELO QWABE***




*Inhloko yomnyango wezemfundo KwaZulu-Natal,uDkt E.V. Nzama ngenkathi emukela imibono kubafundi nothisha ngabakufisa ukukubona kubalulwa kwisabelomali.* ***Isithombe: SIBANI NGOBESE***

# OWEZEMFUNDO WETHULE ISABELOMALI SIKA R 47 476 599 000

**SIHLE MLOTSHWA**

UMphathiswa weZemfundo KwaZulu-Natali, uMthandeni Dlungwana, uthule isebelo sakhe sokuqala ephathiswe uMnyango weZemfundo esiFundazweni. Isabelomali soMnyango sethulwe ngLwesine zingu 04 May 2017.

UMnyango weZemfundo KwaZulu-Natali uthole isabelomali esikhulu kunazo zonke esiFundazweni esingu 47 476 599 000.

Ethula isabelomali sika 2017/18, uMphathiswa uthe lesabelomali soMnyango sihlose ukuqhubekisa izinhlelo zokuphucula nokuthuthukisa izinga lokufunda nokufundisa, kuwo wonke amabanga.

“Ngalesabelomali sifuna ukuqhubeka sithuthukise imfundo nxazonke ukuze nathi sidlale indima ebonakalayo ekushintsheni umnotho ngesivnini, lokhu okubizwa nge Radical Ecomomic Transformation,” kubeka uMphathiswa.

**UKUTHENGWA KWEZINSIZA KUFUNDA (LTSM)**

“UMnyango weZemfundo KwaZulu-Natali usuyakwazi ukuhambisa izinsiza kufunda ezikoleni njalo ngo 30 November minyaka yonke ukuze uqinisekise ukuthi mezivulwa izikole ngonyaka olandelayo zibe sezikhona izincwadi ezikoleni.

Lokhu kuqinisekisa ukuthi ukufunda nokufundisa kuqala ngosuku lokuqala lokuvulwa kwezikole. Siyaqonda ukuthi ukuletha imfundo esezingeni kuza ngenani elikhulu, yingakho sithathe isamba esingu R1.3 billion ukuze sithenge izincwadi ngonyaka ka 2018,” ubeke kanje uMphathiswa enkulumeni yakhe ebeyithula kwiSishayamthetho saKwaZulu-Natali.

**UKUSEBENZISA EZOKUXHUMANA (ICT) UKUTHUTHUKISA EZEMFUNDO**

UMnyango ubeke eceleni isamba esingu R 62 million ukuze uthuthukise ingqalasizonda ye ICT. “Njengoba sikhula, okungenani zingu 261 izikole kwiziFunda uMkhanyakude Kanye ne King Cetshwayo esezithole ukunikezwa amatablets, ama server, ama digital boards kanye ne Wifi.

**INGQALASIZINDA**

Ethula inkulumo yakhe, uMphathiswa uthe ingqalasizinda inenselelo yokulokhu yehliselwa isabelomali okwenza uMnyango uncike kakhulu kwi Conditional Grant, nayo enemigomo yayo nezinto zayo ezibeke eqhulwini.

“Nakuba zikhona lezozinselelo sokwehlisa isabelomali sengqalasizinda uMnyango uyaziqhenya ngokwenze ezikoleni ezifana ne La Mercy Maths and Science Academy e Pinetown, Mandla Mthethwa School of Excellence eMkhanyakude, iWelabasha ne Siphumelele High School e King Cetshwayo, iMpumelelo High School e Harry Gwala, Imalezulu ne Pholela Special School e Harry Gwala, kanye noKukhanya koMsinga



*Owezimfundo KwaZulu-Natal, Mnu. Mthandeni Dlungwane ngenkathi ethula isabelomali somnyango wakhe.* ***Isithombe: SIBANI NGOBESE***

Special School eMzinyathi uma singabala nje ezimbalwa,” kuqhuba uMphathiswa uDlungwana.

UMphathiswa uphinde wabalula ukuthi izinto ezifana nesiphepho esilimaza izikole nakho kufaka ingcindezi yezezimali ekubeni imali ibe ivele inganele.

Ngonyakamali ka 2016/17 zaba ngu 354 izikole ezapheshulwa yisichotho okwadla uMnynago imali engu R 262 million ukuze kulungiswe lezizikole.

“UMnyango usubeke eceleni imali engu R25 million ukuze kuthengwe ifenisha yalezizikole ezintsha esizakhile nezizoqedwa ukwakhiwa kulonyakamali esikuwo,” kuchaza uDlungwana. Izinhlelo zoMnyango zengqalasizinda kunyakamali ka 2017/18 zimi kanje

- Kuma upragrades nama additions kunamaprojects angu 1 719
- Ku refurbishment ne rehabilitation kunama projects angu 622
- Kwizikole ezintsha kunama projects angu 51

**UKUTHUTHWA KWABAFUNDI – LEARNER TRANSPORT**

Ekhuluma ngohlelo lokuthuthwa kwabafundi u Dlungwana uthe uMnyango ubulokhu uhlinzeka abafundi ngezinhlelo zokuthutha kusukela ngo 2008.

“Kuyasijabulisa ukusho ukuthi ngo April ka 2017 sathula ngokusemthethweni uhlelo lwama Ferry Boats endaweni yase Enkovukeni.

Lokhu sakwenza ngoba ucwaningo lwethu lwaveza ukuthi zingu 181 izikole lapho abafundi kumele bawele imifula namadamu ukuze bafinyelele kuzo.

Imizamo yethu yokuthi imfundo ivuleleleke kuwo wonke umuntu iveze isidingo sukuthi sengeze ngo R 10 million ukuze sithenge amanye futhi ama Ferry Boats.

**UHLELO LOKUPHAKELA ABAFUNDI (NSNP)**

Uhlelo lokuphakela abafundi esiFundazweni luhlinzeka abafundi abangu 2.2 milllion ngokudla okunempilo futhi lufinyelela ezikoleni ezingu 5250 kwisiFundazwe sonke.

UMnyango ubeke eceleni isamba esingu R1.4 billion ukuze luqhubeke loluhlelo.

“Ngonyakamali ka 2016/17, loluhlelo lokuphakela abafundi lahlomulisa ama service providers angu 1900 kanti uhlelo lokuqashwa kwamaservice providers kulonyakamali nalo selusemaphethelweni,” kubeka uMphathiswa.

**ISABELOMALI SOMNYAGO NGONYAKAMALI KA 2017/18 SIMI KANJE**

**PROGRAMMES AND AMOUNT**

- Administration: 1 833 503 000
- Public Ordinary School Education 39 953 974 000
- Independent School Subsidies R 86 038 000
- Public Special School Education R 1 089 809 000
- Early Childhood Development R 825 595 000
- Infrastructure Development R 2 308 147 000
- Examination and Education Related Services R 1 379 533 000

**TOTAL R 47 476 599 000**

# ZETHULWE KWAZULU-NATAL IZINHLELO ZEVIKI LEZOKUPHEPHA EMGWAQENI

**STHEMBILE LUTHULI**

Phini likaNgqongqoshe wezokuThutha uNkk Sindisiswe Chikunga uhambele isiFundazwe iKwaZulu-Natal ezokwethula ngokomthetho uhlelo lwezokuphepha emgwaqeni oludonsa iviki lonke olubizwa ngokuthi yi-United Nations Global Road Safety Week.

Umcimbi bewenzelwe esikoleni samabanga aphansi i-Acacia Primary eVerulam, enyakatho yeTheku, nokuyisikole esinomlando wokulahlekelwa abafundi abaningi ngenxa yezingozi zomgwaqo.

Kulo mcimbi uChikunga uveze isiphakamiso uMnyango ozosenza, sokuba kuncishiswe isilinganiso sejubane ezindaweni zemiphakathi sisuke ku-60 km/h siye ku-40 km/h.

UMnyango wezokuThutha wethule lolu hlelo ngokuhlanganyela nophiko lwawo lwe-Road Traffic Management Corporation (RTMC) ngaphansi kwesiqubulo esithi –"Yehlisa isivinini ukuze kuzophepha abantu emgwaqeni"

Ngalolu hlelo lokuphepha emgwaqeni uMnyango uhlose ukuqwashisa abashayeli ngengozi yokushayela ngesivinini esiphezulu futhi wethemba ukuthi zizoncipha izingozi eseziqede abantu abaningi.

UChikunga ugcizelele ukubaluleka kwalolu hlelo wathi izwe laseNingizimu Afrika lazibophezela kwi-United Nations ukuthi kothi kufika unyaka ka-2020 zobe sezehle ngo-50% izingozi zomgwaqo kuleli.

"Yingakho sigqugquzela abantu kuzwelonke ukuthi banciphise isivinini sokushayela futhi baphinde bashayele ngokucophelela. Sibakhumbuza njalo nokuthi bafase amabhande ngoba sekubonakele ukuthi esikhathini esiningi uma kwenzeka izingozi uma umuntu efase ibhande uyasinda. Sinethemba lokuthi ngalolu hlelo sizokwazi ukufundisa abashayeli ngokubaluleka kokwehlisa ijubane uma beshayela njengoba ngokocwaningo lwethu sesibonile ukuthi izingozi eziningi zidalwa ukushayela ngesivinini esiphezulu," kusho uChikunga.

INhloko yoMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal uMnu Sibusiso Gumbi uthe ngokocwaningo loMnyango balinganiselwa ku-1.5 million abantu abathintekile ngenxa yezingozi esifundazweni.

"Njengoba lolu hlelo silwethula lapha esikoleni samabanga aphansi yingoba siwuMnyango siyakholelwa ukuthi uma siqala ukubafundisa abantwana besebancane ngokubaluleka kokuphepha emgwaqeni, noma sebebadala bayoba abantu abanakekelayo futhi abashayela ngokucophelela baphinde bahloniphe nezimpawu zomgwaqo," kusho uGumbi.




*Ngenkathi kwethulwa izinhlelo zeviki lezokuphepha emgwaqeni esikoleni samabanga aphansi i-Acacia Primary School eVerulam. Lapha abafundi bebefundiswa ngendlela ephephile yokuwela umgwaqo uma beya noma bebuya esikoleni.*
***Isithombe:*** ***STHEMBILE LUTHULI***

# ZISHA NGOMAKALABHA KWIZINGCWEPHESHI ZABESIFAZANE

Into thina esiyisaba kakhulu akusikhona nje ukuthi asazi ngokwanele, esikusaba kakhulu ukuthi sinamandla angaphezu kokwenza. Sisatshiswa ukukhanya esikukho kunobumnyama.

**MELBA NZIMANDE**

UMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi uzishaya isifuba ngohlelo lwawo lwemifundaze oluhlinzekelwa abantu okungebona abasebenzi bomnyango oseluguqule impilo yentsha eningi eNingizimu Afrika jikelele. Abafundi abangama-35 kulo nyaka wezi-2017 bahlomule ngemifundaze yokukhokhela izifundo zabo emikhakheni esingabala kuyo i-Quantity Surveying, eZobunjiniyela, uKuphathwa Kwemiklamo Yezokwakha kanye neZokuthuthukiswa Kwezakhiwo ekhishwe uMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi.

Laba bafundi bayaye baqashwe ngumnyango uma sebephothule izifundo zabo, emva kwalokho umnyango ube sewubaqeqesha ukuba bathole izitifiketi ezibagunyaza ngokusemthethweni ukuthi sebeyizingcwepheshi kuleyo mikhakha yabo abayifundele.

Abaphathi basehhovisi leSifunda EsiseNingizimu bakhombise ukukuthakasela ukuxoxa ngempumelelo yabesifazane abathathu abasebancane asebeyizingcwepheshi.

Laba besifazane abasona nje isibonelo sokuthi yini engazuzwa abantu abasha kuphela kodwa bayisibonelo nakwabesifazane abamnyama abaningi abasebasha nosekukade belangazelele ukungena kulo mkhakha okuvame kuwo abesilisa futhi nokuthi bazihambela bodwa kuwona lo msebenzi abangene kuwona.

Laba besifazane abazimiselayo futhi abakhuthele bahlose ukuba yisibonelo kubafundi abasebancane abeza emva kwabo balapha esifundazweni saKwaZulu-Natali naseNingizimu Afrika yonkana.

Bafisa ukuthi intsha yabesifazane ifunde ukuzihlonipha futhi ikwazi ukuba wuhlobo lwabantu oluphumelelayo.

Kwezinye zezinkulumo zakhe, loyo ongasekho u-Nelson Mandela wathi, "Our deepest fear is not that we are inadequate, our deepest fear is that we are powerful beyond measure. It is our light and not our darkness that most frightens us.

As we let our own light shine, we unconsciously give others permission to do the same, as we are liberated from our fears, our presence automatically liberates others", okuhumusheka ngokuthi, "Into thina esiyisaba kakhulu akusikhona nje ukuthi asazi ngokwanele, esikusaba kakhulu ukuthi sinamandla angaphezu kokwenza. Sisatshiswa ukukhanya esikukho kunobumnyama.

Ngenkathi siveza ukukhanya okungubuhle bethu obala, ngokunganaki sinikeza nabanye ithuba lokwenza okufanayo, njengalokhu sesizikhulula ebugqileni bokwesaba kwethu, ubukhona bethu bukhulula nabanye abantu". Ngikholelwa ekutheni laba besifazane bazosusa inkungu kwabaningi njengalokhu beyisibani, ikakhulu intsha yabesifazane, futhi bazofaka ugqozi nakwabanye ukuba nabo bahambe ezinyathelweni zabo.



*ULusanda Xozwa oyi-Quantity Surveyor, uNikiwe Mvuyana oyi-Architect kanye noKuhle Mhlongo oyi-Quantity Surveyor.*
***Isithombe:*** ***MELBA NZIMANDE***

ULusanda Xozwa, uneminyaka engama-28 ubudala futhi njengamanje wenza i-Masters ye-Land and Property Development Management. Ukholelwa ekutheni abantu akufanele bazizwe benelisekile ngalokhu asebekuzuzile empilweni kodwa kufanele njalo balangazelele okukhulu kunalokho abanakho.

UKuhle Mhlongo, naye uneminyaka engama-28 ubudala wenza i-Masters ye-Land and Property Development Management.

UKuhle ugqugquzela abantu abasha ukuba benze isifundo i-Mathematics emabangeni aphezulu ngoba isemqoka uma befuna ukufundela ukuba i-Quantity Surveyor.

UNikiwe Mvuyana naye uneminyaka engama-28 ubudala; uphothule i-Masters ye-Architecture ngowezi-2015.

Abantu abukela kubona yibona bonke abesifazane abamnyama abangalilahlanga ithemba nanoma ngabe sekuthiwani, begxekwa, bengatshazwa kodwa bangabheka emuva baphumelela". Wethemba ukuthi maduze nje uzokwenza i-PhD yakhe